

# ISIFUNDISO NGOMOSE



Kulungile. UNkulunkulu akubusise, Mfowethu Neville. Sanibonani ekuseni, bangani. Ngifanele ngibuke kanye esikhashaneni ukuthola ukuthi ngabe kusekuseni yini noma kukusihlwa. Awu, ngiyajabula ukuba lapha kulokhu ukusa. Kufudumele, futhi niqinisekile ukuthi nithole ukwemukeleka okufudumele. Asisenantwasahlobo; sinehlobo nobusika lapha, asinakho na? Yonk'into ibonakala iphumile ohlelweni, ngandlela thize.

<sup>2</sup> Awu, okungenze ngaleyithi, ngi—ngihlanza indlu. Futhi bengigogobele futhi nginobuhlungu kulokhu ukusa. Futhi ngivuke ngisenesikhathi esiningi, kodwa angiqondanga ukuthi owesifazane unomsebenzi omningi kangaka ukuba awenze, banawo, ukulungisa abantwana abathathu bese beya kuSonto sikole. O, he! Okuningi kakhulu ofanele ukwenze, ngaphezu kwalokho ebengicabanga ukuthi kufanele kwenziwe. Futhi ngacabanga, “Awu, manje...” Izolo kusihlwa bengisebenza, futhi—futhi ngi—ngiyangena ngiphuma ensimini yokuvangela...?..He, akusiwo umsebenzi onzima ukuwubamba na? Mm! Nganikela ngamadola angamashumi amathathu nanhlanu ngeviki ukuba umuntu othize abheke ingane, futhi akekho obengakwenza.

<sup>3</sup> Umfo wabhala isiqephu ephepheni lapha kungekudala. Kusobala, lokhu akuyi kulokhu. Wathi wayephezulu lapha, uhlobo oluthize lukasopolitiki enhla lapha eKentucky, wathi ubesempini kabili, walinyazwa amahlandla amathathu, njengeqhawe, uphile njengesakhamuzi komakhelwane, wayenze izinto eziningi, wasindisa izimpilo zabantwana ababili, futhi eyodwa emfudlaneni nenye kwenye into ethize, wakhohlwa yikho konke ayemele akwenze. Futhi ekugcineni wacabanga, awu, bafanele baqondise omakhelwane, wayekhankasela isikhundla. Futhi ngenkathi esekwenzile, kubantu abayikhulu lenkulungwane, wathola amavoti amahlanu. Wabuza iphoyisa lesifunda ukuthi angamtholela yini isibhamu esikhulu esinengxenywe yombhobo isikiwe ukuba amsize asuke komakhelwane, wathi, “Kwakuyingozu ngisho nokuhlala ngasedolobheni.” Wayengenabangani abenele ukumsiza ukuba aphume edolobheni. Lokho ukubonga kwaseMelika, nakuba, akusikho na? Kunjalo. EMelika, uma wenza okuningi, ulindeleke ukuba wenze okuningi. Kunjalo, kuningi okulindeleke kuwe.

<sup>4</sup> Awu, ngithanda ukwedlulisa izincomo zami kulokhu ukusa ngokuthi indlu yokukhonzela ihlanzeke futhi ibukeka kahle kanjani. Futhi lapho ngenyuka, babenomnyango lapho ukunikeza ukuzungeleza okungcono. Ngakho lokho kuhle ngempela, noma ngubani osebhodini labaphatheli lapha futhi

asize ekugqugquzeleni lokhu. Lokho kubekuhle kakhulu impela, futhi umsebenzi omuhle ohlanzekile. Ngicabanga ukuthi nguMfowethu Hall, uma ngingaphosisi, okwenzile. Lowo ngumsebenzi omuhle kakhulu.

<sup>5</sup> Manje, sekuleyithi kancanyana, kodwa niyazi ukuthi abantu abangewele banjani. Niyabo, akunasikhathi esithize, ngabe sinaso, Mfowethu Slaughter, Mfowethu Deitsman na? [Abazalwane nabanye bathi, “Qhabo.”—Umhl.] Nje yonk’into njengoba siyithatha.

<sup>6</sup> Sibe nezinkonzo ezimangalisayo ezansi eNingizimu! Kodwa bengingakhuluma kuphela nje izinsuku ezimbalwa ezedlule. Ngishumayele izinyanga ezine, ngokuqondile, futhi bengingenalo iphimbo elenele ngisho loku—lokunyenyeza. Bengifanele ngithi nje ukwenza iminyakazo kumkami, niyazi, ebengikufuna, futhi kuluhlobo lwe...Futhi-ke emva kwalokho, futhi sengibuya lapha lapho cishe kunesimo sezulu esiguquguqukayo ebesilokhu sinaso, (ngani, kumakhaza ngolunye usuku futhi kushise ngolulandelayo), ngabanjwa ngowangempela, umkhuhlane wangempela oyifeshini endala. Futhi ngisukumile, ezinsukwini ezimbalwa ezedlule, futhi ngaqala futhi. Futhi ngakho sibonga kakhulu eNkosini elungile, nokho, ngabo bonke ubuhle baYo nesihawu kithi, no—nokuthi Ubemuhle kanjani. Sibe nezinkonzo ezimangalisayo ezansi lapho, neNkosi isibusisile ngokwedlulele, ngokuchichimayo.

<sup>7</sup> Futhi izolo ebusuku, cishe maphakathi nobusuku, uMfowethu Wood ungibizele ezansi endlini yakhe, noMfowethu Arganbright ocingweni, engifuna ngiqale eSwitzerland. Ngakho, kungukuhamba okuningi kakhulu kumuntu omdala.

<sup>8</sup> Ngakho, manje, inkonzo yethu elandelayo iqala mhla zilishumi nanye ngenyanga ezayo, eCadle Tabernakele eIndianapolis. E—eCadle Tabernakele eIndianapolis, kusukela zilishumi nanye kuye zilishumi nanhlanu. Bese-ke, kusukela lapho, kuye ngale e—eMinnea-...Minneapolis; kusuka eIndianapolis kuye eMinneapolis, iChristian Business Men.

<sup>9</sup> Manje ngicabanga ukuthi uMfowethu Neville ungibizile, futhi bengifuna ukukhombisa okwami...ukuzwakalisa ukubonga kwami kuye nosicula ngabathathu bakwaNeville abehlile futhi bangukululela kulowomngcwabo, engibe nawo kuthangi. Futhi ngicele uMfowethu Neville; bengingenabaculi, umndenani wakwa Liddick; ngesikhathi uMnu. Liddick ehambile waya eKhaya eNkazimulweni. Futhi ngempela ngi...uma indodana yakhe, angiyiboni lapha; futhi ngitholile kamuva ukuthi kwakuyindodana angayizali. Ngokwazi ukuthi uyise wayefa, engasindisiwe, yagijima yeza ekhaya yazongilanda, ngaphambi, noyise wasindiswa ngaphambi kokuba afe. Ngakho into enkulu kakhulu lowomfana ake wayenza, kwaba ngukuthi eze athole umuntu ukukhulekela uyise ngaphambi kokuhamba.

Nosicula ngathathu bakwaNeville behla futhi babaculela kamnandi ngempela.

<sup>10</sup> Futhi ngakho uMfowethu Neville ungelile ukuthi ngingakhuluma yini kulokhu ukusa nakulokhu ukuhlwa, futhi. Ngakho uyaqaphela, umBhalo uthi, “Cela ngochichimayo ukuthi u...” Ngakho uMfowethu Neville ngempela uhambisana nomBhalo kulezo izinto, kakhulu impela! Futhi ngakho ngizokwenza okwami okwedlula konke.

<sup>11</sup> Manje, ngishilo kulokhu ukusa, njengoba kunguSuku lukaMama, futhi sifuna ukukhuluma ku—kubantwana abancane. Bengicabanga ukuthi kulokhu kusa kuzoba isikhathi esihle sa—sabantwana abancane. Manje ngicabanga ukuthi usuku lukamama . . .

<sup>12</sup> Manje, ayikho into engabamnandi emhlabeni, esiyaziyo, kunowangempela, umama wangoqobo. UNkulunkulu abusise umphefumulo wakhe onobuqhawe, owangempela, umama wangempela. Kodwa sinezinto eziningi namuhla ezimele ezinye e—ezibizwa ngo “mama,” lowo akusuye umama; bangabesifazane nje abanabantwana, kodwa hhayi umama. Umama oyifashini ndala yilowo onakekela umndeni wakhe, futhi akalali ngaphandle ezindlini zokuphumula nasemidansweni, futhi ubusuku bonke, ebhema, ephuza, angene. Alimfanele lelogama elingwele likamama. Ungowesifazane nje, kwaphela nje, okhulisa umntwana; kodwa hhayi umama, ngoba *umama* unencazelo ehluke kulo. Manje ngi—ngicabanga ukuthi uma u . . .

<sup>13</sup> Manje, oSukuwini lukaMama, ngifuna ukuzizwakalisa kahle kakhulu. Nginomama onekhanda elimpunga ohlezi lapho, mina uqobo. Futhi ngicabanga ukuthi, usuku, lulungile; kodwa izinsuku zonke lufanele lube usuku lukamama, hhayi nje kanye ngonyaka. Futhi isizathu lezizinto zoSuku lukaMama ziqhubeka manje . . .

<sup>14</sup> Futhi ngiyabona sinedlanzana, futhi sonke siyazana. Singomkhaya, futhi yingalesosizathu sizokhuluma ngalendlela.

<sup>15</sup> Ngicabanga ukuthi umama ufanele ahlonishwe nsuku zonke ngokufanayo, kunjalo, umama wangempela. Futhi, kodwa lolusuku abalubiza ngoSuku lukaMama, akulutho ezweni kodwa ngumbhedo wokuthengiselana, ukuba bamunce abantu nje kwenzelwe imali. Futhi kuyihlazo kumama, uSuku lukaMama, kanye nje ngonyaka, “Awu, asiyi ukuyombona, kodwa sizomthumelela isixheke esincane sezimbali futhi kuzokuxazulula.” Lowo akusuye umama! He, bakithi! Umama wangempela ngumuntu wesifazane o . . . lowo owakukhulisa, futhi uyamthanda, futhi uyambona futhi ukhulume naye sonke sikhathi. Uzwakalisa uthando lwakho kuye ngaso sonke isikhathi, hhayi nje ngosuku olulodwa onyakeni.

<sup>16</sup> Kodwa nje ngingakaqali ngomdlalo wami wasesiteji omncane, ngithanda ukuzwakalisa lokhu, futhi ngivuselele abanye benu. Futhi abaningi benu usefe waphela, abaningi babo uhambe kusukela lokhu kwenziwa. Kwakungo 1933.

<sup>17</sup> Nibonile ephepheni ebusukwini obumbalwa obedlule lapho lowo wesifazane wabulala leyondoda, wayijikijela endledlaneni yakhe wase ehambisa imoto eyisa emuva naphambili phezu kwayo wayingqubuzisa ngemoto yakhe yaze nje yamdubuzisa wonke umgwaqo wonke. Futhi bathi, a—abameli kanjalo njalo, bathi, “Ngabe lokho akuwulahli yini unembeza wakho na?”

Wathi, “UNkulunkulu nami sesiyadinwa ngendlela abesifazane abaphathwa ngayo.” Hhe! Ya, owesifazane ungumuntu oyigugu. Kunjalo. “Bayakhathala.” Singazehlisa kanjani lesisizwe na? Singahamba sifikephi ngaphandle kokwehlulela kukaNkulunkulu, ngiyamangala? “UNkulunkulu nami”? Uma uNkulunkulu wayenecala lawowonke umbhedo owabekwa kuYe, Ubengeke abe nguNkulunkulu, yilokho kuphela. “UNkulunkulu nami”? He! UNkulunkulu akanakwenza lutho ngokunjalo. Ngiyamangala uma esengale ekuhlushweni, uyocabanga kanjani ngakho-ke na? O!

<sup>18</sup> Melika! Manje niyakhumbula, uma ningakakubhali phansi lokhu, kubhaleni. Lokhu ukubikezela kwami. Niyabo? Ngo 1933, ngesikhathi sinezinkonzo ezansi lapha lapho endala, ngiyakholwa iChurch of Christ ilapho manje, yayivamise ukuba ngendala... Ingapha ngqo, uMfowethu Neville, khona ezansi ngqo. UCharlie Kern wayevamise ukuhlala lapho. Kuyini... Ikhaya lezintandane ngapha eMeigs Avenue. Ngo 1933, ngathola nje iFord ka 1933, futhi ngayinikela eNkosini ngalokho kusa. Futhi, ngaphambi kokusuka ekhaya, ngabona umbono. Nginawo ubhaliwe, iphepha elidala eliphuzi lisalokhu lilindile phakathi eBhayibhelini. Ngabona isikhathi sokuphela sifika.

<sup>19</sup> Futhi, nina, bangaki abangakhumbula imoto ka '33 ukuthi yayibukeka kanjani emuva lapho na? O, yayithi ayibe uhlobo oluphume *kanjena*, futhi iphakame ngemuva, bese inqamuka ishona phansi yenzele ukubeka isondo eliyisipele lilenge. Ngabona umbono, ukuthi, “Ngaphambi kokuFika kweNkosi, ukuthi izimoto ziyobukeka njengeqanda.” Bangaki osikhumbulayo leso sibikezelo na? Ngabe ukhona osasele lapha na? Umfowethu Seward usehambile. Futhi ngiqagele... Kwakungo 1933 ngesikhathi sasinezinkonzo khona lapha. Ngiqagele cishe bonke sebehambile manje, kusukela ngaleyonkathi.

<sup>20</sup> Futhi ngabikezela, ukuthi, “IMelika, unkulunkulu wayo wokuqala kuzoba ngabesifazane.” Yilokho okuyikho. Yonke into yenziwe njengeHollywood. Nginezinto kumarekhodi ezivela efayeleni yeFBI ezinganethusa nibe yizicucu ukunitshela nje ukuthi kuphi ngqo. Nehlazo kulezizingcweti

zamabhayisikobho, akukho namunye wazo, kanzima, kodwa ezingonodindwa. Ne FBI isanda kukudalula khona maduzane nje. Nginakho kuvela efayeleni labo uqobo nje. Futhi ngakho bonke baphila ngaphandle, ngisho nalezizingcweti zamabhayisikobho, lapho afakazela khona, ukuthi ziyangena zibathathe, zihlala namadoda, amadola angamashumi amabili nanhlanu namashumi ayisihlanu ubusuku ngabunye, indoda, zonke zehla zenyuka, eHollywood nakuyo yonke indawo, zibenamakhaya angase namadoda emuva phakathi lapho lapho zizobathumelela kulaba bantu. Futhi yilokho esibuka kukho, ithelevishini, na—naphandle lapha kulezibukisi nezinto, futhi sivumele abantwana bethu babize lokho ngegugu. Bese ubiza lokho ngomama? Lokho kuqhelile ekubeni ngumama. Lokho ngamanyala. Kunjalo impela. Futhi nokho bayisibonelo sosuku. Awu, bayekeleni, uhlobo lwezingubo abazigqokayo, bhekisani abesifazane base Melika bagqoka ngqo njengabo, nayoyonke into. Impela. Futhi unkulunkulu weMelika ngowesifazane. Hhayi uJehova; bakufulathele Lokho. Hhayi kumama manje, manje kubeke eceleni lokho, kuyinto engcwele esizokhuluma ngayo; kodwa ngiqonde *owesifazane*.

<sup>21</sup> Futhi, khumbulani, ngibikezela ukuthi ngaphambi kwalokho kubhujiswa ngokuphelele okukhulu, engingasho ukuthi iNkosi ingitshela lokhu, kodwa ngiyakholwa ukuthi kuzoba nento ethize eyenzekayo noma phakathi kwamanje noma ngalesosikhathi ngo '77. Kungafika ngalelihora. Kodwa phakathi kwamanje no '77, ngibikezela ukuthi noma mhlawumbe ukubhujiswa okukhulu noma ukubhujiswa ngokuphelele komhlaba wonke, phakathi kwamanje no '77, ngakubikezela lokho ngo 1933.

<sup>22</sup> Ngabikezela ukuthi abesifazane bazoqhubeka nokukhohlakala nesizwe sizolokhu siwa, futhi bazolokhu belenga kumama, noma njengomama kanjalo, baze babe, owesifazane abe yisithixo. Futhi emva kwesikhashana, ukuthi, “iMelika izobuswa ngowesifazane.” Kumakeni futhi nibone uma kungenjalo. Owesifazane uzothatha indawo kaMengameli noma okuthize, okukhulu, amandla aphakeme eMelika.

<sup>23</sup> Uma, ngisho lokhu ngenhlonipho, manenekazi. Uma owesifazane ephuma ekhishini, uphumile endaweni yakhe. Kunjalo. Yilapho okufanele abe khona. Ngaphandle kwalapho, akanandawo. Futhi manje, angilukhuni kubo, kodwa ngisho lokho okuyiQiniso nalokho iBhayibheli. Kwakuvamise ukuthi kube yindoda eyinhloko yekhaya, kodwa lokho kwakusezinsukwini zeBhayibheli. Ayisesiyo. Iyincelebane, noma o—noma ogad'ingane noma into ethize. Futhi manje, qhabo, bafuna ukunakekela izinja, benze ukuhlela umndeni, bese bephathainja endala encane behamba hamba nayo beyigodlile ezingalweni zabo ngaso sonke sikhathi, ukuze ukwazi ukugijima uzulazule ubusuku bonke.

<sup>24</sup> A—angikhulumi ngomama. UNkulunkulu ababusise. Yilokho okubamba isizwe ndawonye manje, maphakathi, owangempela, okahle, ongewele, umama osindiswe nguNkulunkulu. Kunjalo.

<sup>25</sup> Kodwa ihlazo lokuthi sebhle isithunzi kangakanani abesifazane bethu! Nginesiqeshana esiphuma ephepheni, ngisisike emva kwaleMpi yoMhlaba yokugcina, yesibili, elathi, “Kushonephi ukuziphatha kwabesifazane baseMelika, ukuthi, emva kwezinyanga eziyisithupha ngaphesheya kwezilwandle, amane kwayisihlanu amasosha ayehlukanisile kumakhosikazi awo, futhi bashada nenge indoda na?” Futhi abakwazanga ngisho ukubalinda ukuba babuye ngaphesheya kwezilwandle, amasosha ngaphesheya efa enkundleni yempi! Lowomuntu owenza lokho akafanele ukubizwa ngomama, lelo yigama elingewele. Qhabo, akusilo. Ngakho bengihlala njalo ngibizwa ngo “zonda abesifazane,” kodwa angisuye. Ngicabanga ukuthi owesifazane uyinto emangalisayo, nomama, kakhulukazi. Kodwa bafanele babesezindaweni zabo futhi hhayi ukuthatha indawo yendoda, futhi hhayi ukuthatha indawo kaNkulunkulu.

<sup>26</sup> Futhi kulokhu kusa ngizwe ibandla lobungewele lisho, ukuthi, “Umama ubusa izinkanyezi zaseZulwini,” nakho konke lokhu. Ngiyacabanga nje amaKatolika enza lokho entombini uMaria, nokunye nokunye kanjalo, okungukuthi, ukukhonza bona abesifazane abafile, uCecilia oNgewele nakho konke kanjalo, okuluhlobo oluphezulu lokukhonza imimoya yabangasekho. Yilokho nje okuyikho. Noma yini enxusa kwabafile ukukhonza imimoya yabangasekho. Ngakho, munye kuphela uMnxuseli phakathi kukaNkulunkulu nomuntu, futhi lowo nguKristu uJesu. Kunjalo. Akekho omunye ongewele, akukho lutho olunye ngaphandle kweNkosi uJesu Kristu nguYe kuphela OnguMnxuseli phakathi kukaNkulunkulu nomuntu. Kodwa uma ngibona amabandla, ngisho nokuba ngemuva kwepulpiti, bonke ubungewele bususiwe kuKristu base bunikezwa umama, bonke ubungewele bususiwe, khona-ke—khona-ke bayaqala futhi nakho lapho ukhona.

<sup>27</sup> Ngakho, kodwa kunomama wangempela osele. Makabongwe uNkulunkulu! Njengoba uma bona umzenzisi nje; kukhona uKristu ophila impilo ngempela. Lapho unokuhle khona, unokubi. Kunjalo impela. Futhi manje, lolohlobo lukamama nalolohlobo lomntwana, sifisa ukukhuluma ngalo manje eBhayibhelini.

<sup>28</sup> Manje ngiyamangala ukuthi bangaki abafana abancane namantombazane esinabo lapha kulokhukusa na? Uma nikuzwile ukusakaza kukaMfowethu Neville izolo... Bangaki abafana abancane namantombazane abangathanda ukwenyukela lapha futhi bahlale esihlalweni esingaphambili ngisakhuluma nani na? Ningeke nathanda ukwenyukela lapha na? Kunesisodwa, ezimbili, ezintathu, ezine, izihlalo eziyisihlanu

lapha; esisodwa lapha, ziyisithupha, nezihlalo ezincane ngalapha. Ningathanda ukuza ngaphambili, abanye benu bafo abancane abangakwazi ukuhamba ngaphandle kukamama, futhi ningathanda ukwenyukela lapha na? Nimukeleke kakhulu! Omama mabeze...[UMfowethu Neville uthi, “Kunabanye; iningi labo ekamelweni likaSonto sikole.”—Umhl.] O, basekamelweni likaSonto sikole. Awu, lokho kukahle. Sizolinda imizuzu embalwa, futhi sibe sikhuluma, futhi bazophuma emizuzwini embalwa. Futhi sizobuthana nje, amancanyana amadala amnyama, nansundu, namehlo aluhlaza sasibhakabhaka, phezulu lapha, futhi—futhi ngikhulume nabo bonke. Manje, bangaki othanda iNkosi na? Thanini, “Amen.” [Ibandla lithi, “Amen!”] Kulungile.

<sup>29</sup> Manje ngifuna ukukhuluma nomama nabantwana, futhi kuqondiswe kubo.

<sup>30</sup> Kulobu busuku, uma iNkosi ithanda, ngifuna ukukhuluma ngesimangaliso sokuqala uJesu asenza, nokuthi senziwa kanjani, nangamaphi amandla, nokuthi Wenzani ngesikhathi Enza esaKhe...Bangaki osaziyo ukuthi yisiphi isimangaliso sokuqala Asenzayo na? Kushoni, sonke kanyakanye. [UMfowethu Branham nebandla bathi, “Waguqula amanzi abawayini.”—Umhl.] Kunjalo, isimangaliso sokuqala Asenzile. Manje, uma iNkosi ithanda. Ngisafundisisa, kulokhu kusa, kufikile emqondweni wami nje.

<sup>31</sup> Ngiyabona sinomngani wethu omuhle, uMnu. noNkk. Yeker emuva lapho, ngiyakholwa, kulokhu kusa. Kwenzekile nje ngabaqaphela ngisaphendukela ngasensikeni ngapha. Ngolunye usuku mina besangixilonga; kumele ngizigcinele ukuxilongwa mayelana nomsebenzi wangaphesheya kwezilwandle. Futhi, lapho sengiphuma, ngahlangana nobani ngaphandle kukaMnu. noNkk. Yeker, behlezi ngaphandle lapho ehhovisi—hhovisi.

<sup>32</sup> UDkt. Schoen, eLouisville, umfowethu olunge kabi ongamKristu. Ngiyanitshela, ngempela ngihlangane nendoda yangempela lapho, eyangempela eyakholelwa kuNkulunkulu futhi ibeka ithemba layo lapho. Niyazi ukuthini? Ngizonitshela. Ngithola odokotela abanengi abakholelwa ekuphiliseni kukaNkulunkulu kunabashumayeli. Kunjalo. Ukhuluma nabo. Wathi, “Impela.” Futhi uma a...Ngesikhathi ngiya ekhefini, wabamba isandla sami, wathi, “Mfowethu Branham, wenzela isintu okukhulu kunengingake ngikwenze.” Wathi, “Kunjalo.” Wathi, “Ungasiza abantu ngisho engingeke ngibathinte.” Wathi, “Kunjalo.”

<sup>33</sup> Ngathi, “Awu, kusobala, ungathunga, noma umise kahle ithambo, noma okuthize okunjalo. Kodwa uNkulunkulu nguye ophilisayo.”

<sup>34</sup> Wathi, “Lokho kunjalo.” Amen. O, ngiyathanda ukubona abacabanga kabanzi, abantu abahluzile ekucabangeni.

Ngicabanga indawo yokuhlinzela, nangodokotela wezemithi, nowokusebenza ngemizwa engasebenzi, wokusebenza ngamathambo nemisipha, ukuphilisa kukaNkulunkulu, nakho konke kanyekanye, uma noma yikuphi kwalokho kungasiza noma ubani, ngihambisana nakho. Futhi uma uthatha udokotela alahle umshumayeli; umshumayeli alahle udokotela; nosebenza ngamathambo nemisipha alahle—alahle ohlinzanayo; ohlinzanayo alahle udokotela wezemithi; ungakucabanga lokhu, kunenjongo yobugovu ndawanathize. Kunjalo, ngoba ngamunye wabo ukufakazisile ukuthi basiza umuntu othize. Kunjalo impela.

<sup>35</sup> Manje into yakho yilena, ngicabanga, uma izinjongo zethu zikahle, nezinhliziyo zethu zikahle ngabantu, sifanele sisebenze ndawonye sonke ukusiza umuntu wethu, ukwenza impilo elula. Ngakho-ke izinjongo zakho azisibo ubugovu, sinikeza udumo kuNkulunkulu Onikeza zonke izinto ngesihle. Amen. Yebo, Mnumzane. O, asifanele sibe nobugovu noma yikuphi; kufanele kube ngokuphelele.

<sup>36</sup> Uma ngabe ukusebenza ngemizwa engasebenzi kungakusiza *lokhu*, nokusebenza ngamathambo nemisipha kungamsiza *lona*, ukuhlinzwa kungamsiza *lona*, nokunye okuthize kungamsiza *loya* omunye, asikukhulekele konke okwakho, amen, ukuthi uNkulunkulu uzosiza abantu baKhe abathandekayo ukuthi babekahle futhi bejabule. Isizathu, singeke sibe nokuhlala kade lapha, izinsuku nje ezimbalwa futhi sisendleleni, sihambile saya kwenye indawo. Ngakho esizama ukukwenza ukuba senze impilo ibe lulanyana ukuze ube nesikhathi esincono useselapha. Amen.

<sup>37</sup> Manje kulomcabango, asikhothamise amakhanda ethu ngaphambi kokuba sivule iBhayibheli, futhi sikhulume noMsindisi wethu othandekayo.

<sup>38</sup> Owethu olungile, Baba oseZulwini, siza ngokuzithoba okukhulu kulokhu kusa eBukhoneni baKhe, futhi siyaKubonga ngaphezu kwayo yonke into eyake yabakhona emhlabeni, noma eyoke ibekhona, ngeNkosi uJesu Kristu. Ngokuba, NguYe Owahlanganisa umuntu noNkulunkulu, futhi wasibuyiselanisa thina esihluphekile esingafaneleki, abafokazi abangenabuNkulunkulu. Siqhelile kuNkulunkulu, ngo—ngokukhetha, kwethu uqobo; sathatha okwethu ukukhetha futhi sahamba sasuka kuYe. Futhi Wayekahle kakhulu ukuthi angeza, futhi ngesikhathi singajabulisi kuNkulunkulu, ngesikhathi siseyizoni, siqhelile kuNkulunkulu, Wasenza sabuyisana emuva kuBaba, ngokuchitheka kwelaKhe uQobo iGazi.

<sup>39</sup> SiKubonga kangakanani ngaYe pho! Futhi namuhla umi njengoMnxuseli, Onguye kuphela phakathi kukaNkulunkulu nomuntu, Ongenza umkhuleko ufike eBukhoneni bukaNkulunkulu, ngepulatifomu yeGazi laKhe uQobo Alichitha



kusukela emhlabeni kuye eNkazimulweni. Uza kulomhlaba ngendlela yesitebele, wazalwa ngaphandle emkhombeni. Wasuka waphumela emhlabeni, ngesijejiso sokubulawa. Umhlaba wawungaMfuni. IZulu alikwazanga ukuMemukela, ngoba Wayeyisoni, Wayenezono zethu phezu kwaKhe. Umhlaba wawungaMfuni. BaMenqaba, “Sukani kulowoMuntu onjalo!” Wayenayo ngisho... engenayo ngisho indawo angazalelwa kuyo, noma indawo angafela kuyo. Futhi Walenga phakathi kwamaZulu nomhlaba; iZulu alikwazanga ukuMemukela, kanjalo nomhlaba wawungeke uMemukele. Futhi Wafa, noma kanjani, ukusisindisa esonweni, ukuphilisa ukugula kwethu, ukusinikeza injabulo nenhlalo ethandekayo siseselapha emhlabeni. UMsindisi onjena pho! O, siKubonga kangakanani Ngaye!

<sup>40</sup> O Nkulunkulu, makuthi ukudumisa kwethu konke kwenhliziyo yethu kuthululelwe kuYe, futhi kuYe yedwa. Kwangathi zonke izinhlonipho nakho konke ukukhonza, yonk'into ephuma ezindebeni zethu noma izinhliziyiyo, kwangathi kungabekwa kuYe Ofanelwe yikho konke, Lowo Owahlala esiHlalweni sobukhosi ngolunye usuku, neNcwadi esandleni saKhe. Akukho muntu eZulwini noma emhlabeni owayefanele noma ngisho nje ukubuka iNcwadi, noma aqaqe iziMpawu ayeZinamathisele. Futhi leliWundlu elahlatshwa, ekusekelweni komhlaba, ukufika, laYithatha esandleni saKhe, lavula iziMpawu futhi laqaqa a—amaGama, kubantu.

<sup>41</sup> Futhi, Baba, siyakhuleka namuhla ukuthi uMoya waKhe oNgwele uzoqaqa izinhliziyiyo zethu kubobonke ubumnyama bazo, uqaqqa ulwimi lwethu kukho konke okubi, athethelele zonke izono zethu, futhi asuse bonke ubumnyama, futhi ahambe angene ezinhliziyweni zethu kulokhu kusa.

<sup>42</sup> Futhi ikakhulukazi lababantwana abancane, Nkulunkulu, babusise besahlezi lapha kulokhu ukusa nomama wabo othandekayo. Nkulunkulu, siKubonga kangakanani ngobumama, ngabesifazane bangempela! Phakathi kwabo bonke lobubumnyama nokukhonza izithixo, namanyala nokonakala kwezwe, nokho sinabo abangempela, omama boqobo. SiKubonga kangakanani ngabo! Abancane nabadala, bonke ngokufanayo, siyaKubonga, Baba, ngobumama bangempela. Futhi siyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzobabusisa.

<sup>43</sup> Sibona, kuhlezi lapha kulokhu ukusa, abaningi babafowethu nodade befake izimbali ezimhlophe noma izimbali ezimhlophe ezinephunga elimnandi nezimbali, okuchaza ukuthi umama wabo othandekayo ongcwele usewelele ngale kweveyili, ngakolunye uhlangothi; akafike, kodwa uphila phakade naphakade. Ngolunye usuku bazokuza, futhi, ezansi emfuleni, futhi lapho bazothola ukumbona futhi, ngakolunye uhlangothi.

Abaningi bafake izimbali ezibomvu, umama usekhona lapha. SiyaKubonga ngalokho.

<sup>44</sup> Siyakhuleka ukuthi Uzosibusisa ndawonye sisafundisisa iZwi laKho, ngokuba sikucela eGameni likaKristu. Amen.

<sup>45</sup> Manje iNkosi inibusise. Futhi siqala ngqo phakathi eZwini kulokhu kusa. Manje, okokuqala, ngaphambi kwalomdlalo wasesiteji omncane, ngicabangele omama nabantwanyana abancane. . . Futhi cishe bazongizwa, ngoba lento inomsindo omkhulu. Futhi ngizonikeza umdlalo wasesiteji omncane, ngoba kade ngiqaphela manje izinkonzo zami, ngezinye izikhathi imidlalo yasesiteji isiza kakhulu. Anicabangi kanjalo na? Abafo abancane bakuqonda kancono. Ngibuka ababili abancane, abafana abamehlo amhlophe qwa behlezi, bengibuka manje, abazoba ngamadoda akusasa uma ikusasa likhona.

<sup>46</sup> Futhi manje ngaphambi kokuba sibe nanoma yimuphi umdlalo wasesiteji othize, noma eny'into eqhubekayo ebandleni, ifanele ibe nesendlalelo seBhayibheli. Amen. Kufanele kube isendlalelo seBhayibheli. Okokuqala, ake sonke sivule ngale kuMathewu, isahluko 16 nevesi 25, futhi sizofunda lamavesi. Okokuqala, sisafunda, silungela, mhlawumbe ngalesosikhathi abafa abancane bazobe sebephumile. Manje uMathewu 16:25, sifunda lokhu.

*Ngokuba yilowo nalowo othanda ukusindisa ukuphila kwakhe uyakulahlekelwa yikho: kepha olahlekelwa ngukuphila kwakhe ngenxa yami uyakukufumana.*

<sup>47</sup> Manje, lona ngumBhalo obaluleke kakhulu. Asifunde sonke lokho kanye kanye. Nithini na? Wonk'umuntu, abantwana abancane nabobonke, kanye kanye manje. [Umfowethu Branham nebandla bafunda umBhalo olandelayo kanye kanye—Umhl.]

*Ngokuba yilowo nalowo othanda ukusindisa ukuphila kwakhe uyakulahlekelwa yikho; kepha olahlekelwa ngukuphila kwakhe ngenxa yami uyakukufumana.*

<sup>48</sup> Niyazi, abafana namantombazane, futhi ngiyazi abadala bazokuthokozela lokhu ngokufanayo njengoba nabantwana bazokuthokozela. Kodwa, lowomBhalo ubaluleke kakhulu! Futhi eminye imiBhalo ibaluleke kangangokuthi uNkulunkulu uyifaka kuwo onke amaVangeli womane; uMathewu, uMarku, uLuka, noJohane. Kodwa, lokhu kwakubaluleke kakhulu waze Wakufaka kasithupha eVangelini! Kasithupha lokhu kuvela ezindebeni zaKhe uQobo, uJesu.

<sup>49</sup> Manje ngale kuMarku, sizovula ngapho, nasesahlukweni 8 sikaMarku, futhi siqale ngevesi lama 34, futhi ngizofunda amanye lapho. Futhi ngifuna niqaphele lapha futhi, ngokuqhubeka okuncane nje kwalokhu lapho uJesu akukhuluma khona. Futhi khumbulani, Wakufaka kasithupha eVangeli, kuze kuqiniseke! Ababili ufakazi, kodwa Wakufaka

kathathu lokho, niyabo, kuze kube nesiqiniseko ukuthi niyakukhumbula.

*Wayesebiza—yesebiza kanjalo isixuku nabafundi bakhe, wathi kubo, Uma umuntu ethanda ukuza emva kwami, makazidele, . . . thabathe isiphambano sakhe, angilandele.*

<sup>50</sup> Manje, omunye wabahumushi wafaka, “Thabatha isiphambano sakhe niNgilandele nsuku zonke.” Manje, manje ivesi lama 35. Lalelani.

*Ngokuba yilowo nalowo othanda ukusindisa ukuphila kwakhe uyakulahlekelwa yikho; kepha olahlekelwa ngukuphila kwakhe ngenxa yami nangenxa yevangeli, uyakukusindisa.*

*Ngokuba kuyakumsizani umuntu, ukuzuzwa izwe lonke, alahlekelwe ngukuphila kwakhe na?*

*Yingabe angakhiphani umuntu, kubeyisihlengo sokuphila kwakhe na?*

<sup>51</sup> Manje ake sithathe lelivesi lama 35 bese silicaphuna kanyekanye manje. Kulungile. Manje asilisho kanyekanye. Sizothatha uMarku 8:16, manje ake silisho kanyekanye; uMarku 8:16, ngiyaxolisa, uMarku 8:16, 35. Qhabo, ngikuthole ngokungesikho namanje. UMarku 8, ngixoleleni. UMarku, uMarku oNgcwele, isahluko 8, ivesi lama 35. Manje asilizame. UMarku oNgcwele, isahluko 8, ivesi lama 35. Manje silitholile. Asilifunde. [UMfowethu Branham nebandla bafunda umBhalo olandelayo kanyekanye—Umhl.]

*Ngokuba yilowo nalowo othanda ukusindisa ukuphila kwakhe uyakulahlekelwa yikho; kepha olahlekelwa ngukuphila kwakhe ngenxa yami nangenxa yevangeli, . . . yakukusindisa.*

<sup>52</sup> Lokho akumangalisi na? Manje, sizoqhubeka nendatshana yethu encane, futhi njengoba abantwanyana beza bazothatha izindawo zabo. Abangenisi babaqaphele besa, ngokuthula . . . niyabo uma ningabangenisa ngaphakathi lapha, sisathatha futhi sinikeza indaba yethu. Sizosekela lokhu, kulokhu kusa, ngomdlalo wasesiteji. Nami, isikhathi esiningi, lapha ezinsukwini ezimbalwa ezedlule . . .

<sup>53</sup> UMfowethu naDadewethu Wood babenami, ngiyakholwa, phezulu lapho enkonzweni yokugcina, futhi ngangikhuluma esiDlweni sasekuseni seChristian Business Men. Futhi nganikeza umdlalo wasesiteji omncane ngoZakewu e . . . phezulu esihlahleni somthombe, futhi, ngesikhathi uJesu efika ngalapho, nokuthi wawuthola kanjani umgqomo kadoti, niyazi (futhi ngakwenza samdlalo wasesiteji), futhi wakhwela esihlahleni, ukubona uJesu; usomabhizinisi ehlezi phezulu esihlahleni, niyazi, ecashele uJesu. NoJesu wayengazi ukuthi

wayekuphi, kungathi, niyazi. Wayesethi-ke, “O, bangitshela ukuthi leyoNdoda yazi izinto futhi iyakwazi ukusho izinto zingakenzeki, futhi yayazi ukuthi ikuphi inhlanzi enendibilishi. Angikukholwa.” Futhi uJesu wahamba wedlula ngaphansi kwesihlahla. Wayesethi-ke, “O, Akangiboni, ngihlezi phezu kwesihlahla.”

<sup>54</sup> UJesu wama wabuka phezulu, wayesethi, “Zakewu, yehla.” Akazanga kuphela ukuthi wayephezulu lapho, kodwa Wamazi ukuthi wayengubani.

<sup>55</sup> Ngakho ngicabanga ukuthi umdlalo wasesiteji omncanyana ngezinye izikhathi uyabasiza abantu abadala, abafana abadala namantombazane, njengabasebasha.

<sup>56</sup> Ngakho manje ningahle ningibuze, emva kokuba lokhu sekwedlulile, “Mfowethu Branham, uluthathephi lolulwazi lwalabalingiswa namagama na?” Abanye babo, bengisizwa ngumngani wami omuhle kakhulu, uMfowethu Booth-Clibborn. Nomunye, ngoJosephus, usomlando omkhulu. Bese-ke kuba izincwadi zomlando engizifundile, zalesisehlakalo, nokunye nokunye. Futhi yileyo indlela engithola ngayo ulwazi lwami kulokho esizokunikeza emdlalweni wasesiteji kulokhu kusa, kwalokhu.

<sup>57</sup> Ngiyababona abancane bethu bayaphuma manje, nangalendatshana kulokhu kusa esizoyinikeza. Manje nina bafanyana namantombazane, uma ningakwazi, ngobuningi ofunayo, wozani lapha ngaphambili. Sinezizisihlanu noma eziyisithupha izihlalo ezingenabantu. Uma ningathanda ukuza lapha phezulu, sizokuthokozela ukuba nani. Bayangena nje ngesikhathi somdlalo wasesiteji omncane phandle lapha.

<sup>58</sup> Futhi manje ngiluthola kanjalo-ke lolulwazi, ukuthi ngiluthola kanjani. Omunye angathatha ngapho bese ethi, “Awu, angikaze ngiyifunde leyonxenye eBhayibhelini.” Kodwa, uma ungakaze, umlando ukubambile, niyabo. Ngakho yonke yindaba efanayo, kuphela nje inikezwe esimweni somdlalo wasesiteji o—o—omncane.

<sup>59</sup> Futhi, ngakho, nakho-ke! Nakho-ke! Lowo ngumfowenu omncane na? O, impela ubukeka efana nawe! Futhi ungumfana okahle. Uyazibonela nje ukuthi unjalo. Kulungile.

<sup>60</sup> Manje ufuna ukukhuphukela lapha futhi uhlale phansi lapha na? Kukhona amantombazanyana amancane, noma amathathu amantombazanyana amancane. He, lokho nje kuhle kakhulu! Manje ngifuna . . . Lendatshana encane kulokhu kusa yamantombazane amancane nabafana. Unkosazana Collins, ngikholwa ukuthi nguwe lapho, nomunye udade omncane; ufuna ukuya khona ngalapho, s'thandwa, bese uhlala phansi. Ya, ngikholwa ukuthi kunendawo khona lapha, uma inenekazi linga—lingasusa incwajana yalo encane. Futhi—futhi khona-ke ngalapha ngqo kunezihlalo ezingana lapha.

<sup>61</sup> Ngifuna bonke lababafana abancane namantombazane phezulu lapha ngaphambili, ukuze ngizokwazi ukukhuluma nabo. Lapha, lapha sinezihlalo lapha. Siyabheka nje ukuthi nithola izihlalo. Yebo, mnumzane. Abanye babo bazosisiza khona lapha. Ngakho, sifuna lokhu kube okwalababafana abancane namantombazane. O, he! Ngabe akukuhle lokho na? Manje lokho ku... Ngiyakholwa nizofanele nibe nezinye ngaphezulu, Mfowethu Neville, ngibona abanye abayidlanzana behla. Futhi manje lokho kuhle nje!

<sup>62</sup> Bangaki omama olapha na? Phakamisa isandla sakho. O, lokho kuyamangalisa! Manje, lokho nje kuhle kakhulu.

<sup>63</sup> Manje uma nina mantombazane amancane emuva lapho nifuna ukuza lapha, wozani ngqo ngaphambili, uma nibadala ngokwenele ukuthi usuke kumama. Nomama ufuna ukukuletha phezulu lapha, awu, mtshele aqhubeke eze. Kungokukamama, naye. Kulungile, manje.

<sup>64</sup> Nginyanitshela, bantwana, sisanda kufunda ivesi nje. Ningathanda ukulicaphuna kanye nami na? Ningathanda nonke ukucaphuna lelivesi kanye nami na? Manje, litholakala kuMathewu oNgcwele, isahluko 16 nevesi lama 25, esizokhuluma ngakho. Manje laba abancane... Wonke umfana omncane nentombazane, kulokhu kusa, caphuna lokhu kanye nami manje. Yithi, "UMathewu oNgcwele," [Abafana namantombazane bathi, "UMathewu oNgcwele,"—Umhl.] "isahluko 16," ["isahluko 16,"] "ivesi lama 25." ["ivesi lama 25."] Manje caphunani kanye nami. "Ngokuba noma ubani ofuna ukusindisa ukuphila kwakhe" ["Ngokuba noma ngubani ofuna ukusindisa ukuphila kwakhe"] "uzolahlekelwa yikho;" ["uzolahlekelwa yikho;"] "futhi lowo ozolahlekelwa ukuphila kwakhe ngenxa Yami uyakukusindisa." ["futhi lowo ozolahlekelwa ukuphila kwakhe ngenxa Yami uyakukusindisa."] Uyakukusindisa! Ya, ake sikusho futhi. "Noma ngubani" ["Noma ngubani"] "oyolahlekelwa ukuphila kwakhe" ["oyolahlekelwa ukuphila kwakhe"] "ngenxa Yami" ["ngenxa Yami"] "uyakukusindisa." ["uyakukusindisa."] Kuhle kakhulu!

<sup>65</sup> Manje, bafana namantombazane, niyazi ukuthini na? Kunezinto eziningi ezweni eziligugu ngempela. Futhi enye yalezozinto ukuthi, unayo ikuwe namuhla, ngumphefumulo ongaphakathi kwalowomzimba. Futhi leyo yiyonanto eligugu kakhulu emhlabeni, kuwe. Ngabe kunjalo, mama na? Thani, "Amen." [Omama bathi, "Amen."—Umhl.] Into eligugu kakhulu onayo ngumphefumulo wakho. Futhi manje uma ugcina umphefumulo wakho, khona-ke uzolahlekelwa yiwo. Futhi uma ulahlekelwa ngumphefumulo wakho, khona uzowusindisa; uma ulahlekelwa ngumphefumulo wakho kuJesus, niyabo. Ngamany'amazwi, uma ukholelwa kuJesus, uba ngumfundi waKhe. Futhi-ke uma unikela impilo yakho kuJesus uma usemusha kanjena, futhi khona-ke uya e... Uzoyisindisela

ekuPhileni okungunaphakade. Kodwa uma u—uma ufuna ukuwugcina, uzolahlekelwa yiwo; ya, uzolahlekelwa. Ufuna ukwenza njengalawa amanye amantombazane nabafana khona ngapha, futhi niphume nenze njengoba benza, khona-ke nizo—nizo—nizolahlekelwa yiwo. Kodwa uma ufuna ukunikela ukuphila kwakho kuJesu, khona-ke uzokusindisela iPhakade nengunaphakade.

<sup>66</sup> Manje, niyakukhumbula lokho manje, lokho yinto eligugu kakhulu kuwo wonke umhlaba, ngumphefumulo wakho omncane. Futhi uma uwugcina, uzolahlekelwa yiwo; uma uwunikeza uJesu, uyawusindisa. Ningakusho lokho kanye nami na? Uma... Thanini, “Uma ngiwugcina,” [Abafana namantombazane bathi, “Uma ngiwugcina,”—Umhl.] “Ngizolahlekelwa yiwo;” [“Ngizolahlekelwa yiwo;”] “futhi uma ngiwunikeza uJesu,” [“futhi uma ngiwunikeza uJesu,”] “Ngizowusindisa.” [“Ngizowusindisa.”] Yilokho-ke! Manje nikutholile. Akusikho lokho... .

<sup>67</sup> Bonke omama abacabanga ukuthi lokho kube kahle, thanini, “Amen.” [Omama bathi, “Amen!”—Umhl.] O, lokho kukahle! Lokho kuhle.

<sup>68</sup> Manje, niyabo, yinye kuphela into ongayenza. Manje, qhubeka. Uma befuna ukwenza njengayo, futhi bafune izimfuno zezwe labo... .Uma abafana namantombazane befuna ukuya ngaphandle lapho futhi benze izinto, futhi baxoxe izindatshana bese esho izinto ezingalungile, futhi—futhi bekhohlisa futhi bentshontsha, futhi—futhi benze izinto ezimbi, futhi bekopela esikoleni, nezinto, beqhubeka; bayalahlekelwa. Balahlekelwa yiwo. Kodwa uma uzowunikeza uJesu, bangeke bakwenze lokho, futhi kuzowusindisa. Yilokho ofuna ukukwenza. Akunjalo na?

<sup>69</sup> Manje sizozala endatshaneni yethu. Manje, leso isandulelo sethu, manje nikukhumbule lokho. Manje asiqale indatshana yethu encane. Manje, kubantu abadala, nako—kobaba nomama, lalalani, nani, manje; nina, ikakhulu nina bomama nobaba. Manje nje... futhi sizozala. Niyazithanda izindatshana ezincane na? Niyazithanda na? O, ngiyazithanda nje! Ikakhulu manje... Nifundile izindatshana eziningi ezingesilo iqiniso. Kodwa lendaba iyiqiniso, iQiniso impela, lonke iZwi layo. IseBhayibhelini likaNkulunkulu, ngakho imele ibe yiQiniso, niyabo, ngoba yiZwi likaNkulunkulu. IZwi likaNkulunkulu liyiQiniso.

<sup>70</sup> “Manje, niyazi,” wathi, “Ngikhathele kakhulu. Ngi—ngi—ngikhathele ngokwenele ukuba ngife.”

<sup>71</sup> “Awu,” wathi, “kungani ungakhuphukeli phezulu esitezi uyolala embhedeni na? Lala phansi embhedeni omncane, kusofa phezulu lapho, futhi hamba uyolala.”

<sup>72</sup> Owesilisa wathi, “Kodwa, o, ngikhathele kakhulu.” Wathi, “O, s’thandwa, ukuba ukubonile engikubone namuhla! O,

Ngi. . .Mina, lokho. . .Angifuni ngisho nokudla kwakusihlwa! O, kubi kakhulu, ukubona engikubone namhlanje!”

Wathi, “Awu, yini le oyibonile na?”

<sup>73</sup> Wathi, “Awu, ngingeke ngikwazi ukukutshela, phambi kwabantwana, o, kubi kabi kakhulu! He, bekukubi!”

“Awu, yini le oyibonile na?”

<sup>74</sup> “Awu, ngisaya phezulu esitezi futhi ngilale phansi isikhashana nje, bese-ke—bese-ke emva kokudla kwakusihlwa uma sesilalise bonke abantwana, khona-ke ngizobe sengiyakutshela okwenzeke namhlanje.”

“Kulungile,” washo.

<sup>75</sup> Futhi wenyukela phezulu esitezi. Walala phansi. “O, ngikhathele kakhulu! O, he!” Niyazi ukuthi ubaba ubanjani uma ekhathele, ekhathele ngempela nje!

<sup>76</sup> Futhi emva kwesikhashana, intombazane encane enamehlo akhanyayo, yaqala ukugijima kwiphansi, futhi ikhuluma kakhudlwana kancane. Wathi, “Sh-sh-sh, sh-sh-sh, ungakwenzi lokho. Uzovusa ubabayi. Futhi, o, ukhathele kakhulu kangangoba u—ufuna ukufa. Akasafuni ukuba aphinde aphile futhi. Futhi uma ubaba ekhathala kanjalo, awu, sifanele simyekele alale isikhashanyana. Ningamvusi.” NoMiri Yamu omncane, waya ngale futhi wahlala phansi, ukuze athule du.

<sup>77</sup> Futhi emva kwesikhashana wabe eselungise konke ukudla kwakusihlwa, ngakho wathi shelele phezulu esitezi wase e—eyambiza, “Amramu?”

<sup>78</sup> Futhi wathi, “Yebo, Jokebedi, ngilapha. Ngiyehla.” Ngakho behla izitebhisi, niyazi, futhi baba nokudla kwakusihlwa okumnandi.

<sup>79</sup> Ngakho emva kokuba sebedlile ukudla kwakusihlwa, futhi omncane—umfana omncane nentombazane encane sebedlile konke ukudla kwabo kwakusihlwa, ngani na, ba. . .umama wasusa izinto wase ebafaka embhedeni.

<sup>80</sup> Wase eya ekamelweni, yena nomyeni wakhe, base behlala phansi. Wathi, “Awu, manje, yini lena oyibone namhlanje, Amramu, le ekwenze wakhubeka ka—kangaka kulobu busuku, ukuthi ubungasafuni ngisho nokuphila na?”

<sup>81</sup> “O,” owesilisa wathi, “s’thandwa, a—angikuqondi nje.” Wathi, “Ngibone. . .Awu, sikubona zonk’izinsuku nje, kodwa namhlanje kube ngokukhethekile.” Wathi, “O, ngi—ngibone ukubona okubi kakhulu kwengake ngakubona.” Wathi, “Abafana bethu bandla, abanye babo bengengaphezu kweminyaka elishumi nambili ubudala, bedonsa lelokalishi elidala elikhulu, ngezintambo ziboshwe entanyeni yabo *kanjalo*. Futhi labobantwana abazihluphekelayo bese bedonse baze bagcina bengasakwazi, benyuka lowomqansa omkhulu

obanzi kakhulu, lawomatshe amakhulu ngemuva lapho, futhi bebengakwazi nokuthi bengaqhubekela phambili. Futhi emva kwesikhashana ikalishi laqala ukutsekeza futhi lihamba kancane kakhulu, futhi emva kwesikhashana lama. Ezansi nomgwaqo kuqhamuka indoda, o, ibiluhlanya! Yabhonga, ‘Nilimiselani lelikalishi na?’ ‘Whaa!’ ngalezo ziswebhu ezinkulu zenyoka endala, futhi isiqhumisa ngemuva emhlane, negazi lageleza emhlane wabo, futhi lageleza lashona phansi *kanjalo*. Futhi labobantwana abazihluphekelayo babambelela balenga nje kulentambo bekhala.” Wathi, “O, Jokebedi! Singenzani, mama na?” Wathi, “Singabantu bakaNkulunkulu. UNkulunkulu usibusisile. Singabantwana baka-Abrahama, uSaka, noJakobe. Futhi kungani sibe yizigqila ezansi lapha kulezizinto na? O, kuyasabisa indlela abakhale ngayo labo bafana abazihluphekelayo. O, futhi ngiyakhuleka futhi ngikhuleke futhi ngikhuleke, Jokebedi, futhi kubonakala sengathi uNkulunkulu nje akangizwa ngisho nokungizwa. Ngiyakhuleka futhi ngikhuleke, futhi Uba ngathi Ungivezela indlebe engezwa, Akangizwa nhlobo. Ubonakala sengathi Akasanakekeli.”

<sup>82</sup> “Manje,” wathi, “buka, Amramu, lokho akuzwakali kunjengawe. Ungubaba wangempela, futhi u... Lokho akuzwakali kunjengawe, ngoba uhlala njalo usikhuthaza, usitshela ukuba sibe nokukholwa kuNkulunkulu.”

<sup>83</sup> “O, kodwa, s’thandwa, uma ngikhuleka kangaka, futhi selokhu uNkulunkulu engangizwa, futhi kubonakala sengathi kuya ngokuba kubi ngaso sonke isikhathi. Lapho ngiqhubeka nokukhuleka, kuya ngokuba kubi.”

<sup>84</sup> Kodwa, bafana abancane namantombazane, ngabe uNkulunkulu uyawuzwa umkhuleko na? [Abafana namantombazane bathi, “Yebo.”—Umhl.] Uyawuzwa umkhuleko. Ngabe uNkulunkulu uyawuphendula umkhuleko na? [“Yebo.”] Ya. Ngabe Uphendula masinyane kakhulu na? Hhayi ngasosonke isikhathi. Ngabe Uyakwenza na? Qhabo. Ngezinye izikhathi Usenza silinde. Ngabe kunjalo na? [“Yebo.”] Kodwa, uNkulunkulu uyawuphendula umkhuleko, ngabe Uyawuphendula na? Futhi ngoba nje yonk’into ihamba kabi, leso akusiso isibonakaliso sokuthi sifanele siyike ukukhuleka. Siyaqhubeka nje sikhuleke, nakanjani, asiqhubeki na? Kunjalo. Manje, niphendule kahle. UNkulunkulu uyawuphendula umkhuleko. Ake sikusho sonke kanyekanye. “UNkulunkulu uyawuphendula umkhuleko.” Yebo. Akukhathaleki ukuthi izimo zinjani, Uyaphendula, noma kanjani. Kulungile.

“Awu, ubuyela phezulu ukuyokhuleka futhi?”

<sup>85</sup> “Yebo.” Nobaba wayenekamelo elifihlakele phezulu le ekamelweni elisesitezi lapho enyukela khona ukuyokhuleka. Ngakho ufika phezulu lapho ngalobo busuku, uguqa



phansi ngaseceleni, wathi...Manje wathi, “Jokebedi, manje qhubeka uhambe uyolala, futhi wena nabantwanyana. Ngoba, ningangihluphi mina, ngizokhuleka mhlawumbe ubusuku bonke kulobubusuku.”

<sup>86</sup> Ngakho uguqa phansi ngamadolo akhe, futhi uyakhuleka futhi uyakhuleka. Ngiyambona ephakamisa izandla zakhe, futhi ethi, “O Nkulunkulu ka-Abrahama, kalsaka, nokaJakobe, khumbula isethembiso saKho kubantu baKho! Nakhu lapha sikhona ezansi lapha eGibhithe, futhi singaphansi kokugqilazeka. Futhi, o, abacindezeli bethu abanonya ba—basiholela ekwenzeni izinto, futhi basishaye, nabantu bakithi abazihluphekelayo ba—bakhunyuliwe babanqunu, futhi bayasishaya ngeziswebhu. Futhi singabantu baKho. O Nkulunkulu, impela Uzowuzwa umkhuleko! Impela Uzowuphendula umkhuleko! Futhi ngiyakhuleka futhi ngiyakhulela futhi ngiyakhuleka, futhi Ubonakala sengathi Awungiphenduli ngisho nokungiphendula. Kodwa, Nkulunkulu, ngiyakholwa ukuthi UnguNkulunkulu, futhi Wena ekugcineni uzowuphendula umkhuleko.” Futhi waqhubeka wakhuleka kanjalo, cishe ubusuku bonke.

<sup>87</sup> Futhi ngokusa okulandelayo, cishe ngehora lesithathu noma lesine nqo, wehla ezitebhisi ezincane. Futhi ubuka khona laphaya, futhi nango umkakhe omncane othandekayo, uJokebedi omncane. Wayesembhedeni lapho elele. NoAroni omncane noMiryamu omncane base bebele befakwe embhedeni, ngakho babelele zwi, futhi belele isikhathi eside. Kulungile. Uthi kuye...Owesifazane wathi, “Isikhathi sesihambile, futhi wena nje sewuba...”

<sup>88</sup> “Ya, ngikhuleke ubusuku bonke.” Amehlo akhe ayeqhunsuke ngenxa yezinyembezi, ngoba wayekhalela abantu.

<sup>89</sup> Futhi wathi, “Buka, Amramu, awufanele uzikhandle kanzima kukho.”

<sup>90</sup> “Manje,” wathi, “lalela, s’thandwa. Lokho kuhle. Kodwa manje buka, unabantwana ababili ofanele ubakhulise lapha. Nomthwalo ungowami. Uma umuntu othize engabakhulekeli abantu bakithi abahluphekayo, bazoba yini na? Kuzokwenzekani uma umuntu othize engenabo abantu enhliziyweni na? Umuntu othize ufanele akhuleke.”

“Awu,” uthi, “Amramu, umthwalo awusiwo owakho wonke.”

<sup>91</sup> “Awu, kubonakala sengathi kunjalo. Futhi nakanjani, ngizokhuleka, nakanjani, sonke isikhathi!”

<sup>92</sup> Uya emsebenzini ngalolosuku. Futhi usuku ngalunye uyeza aphinde ahambe, nalokho kushikashikela okudala okufanayo. Futhi wayenomsebenzi onzima. Wadingeka a...Babethela udaka ezikhunteni ezinkulu, futhi wayefanele ame laphaya ngasesithandweni somlilo. Uma besivula, o, he, sasicishe sidabule isikhumba sakhe, lokho kushisa okubi kabi! Wayefuqa

lezozitini emuva lapho futhi azikhande, azikhiphe; ukuba bakhe imigwaqo emikhulu ebanzi, nemibhoshongo emikhulu emide, konkulunkulu abayisithixo nayoyonke into. Nalendoda engumKristu wangempela ezansi lapho isebenza kanjalo, isebenzela isitha. Kodwa wayeyisigqila, wayesebugqilini. Wayefanele akwenze.

<sup>93</sup> Bonke ubusuku uma efika ekhaya, wayekhuleka. Futhi akhuphuke izitebhisi futhi, futhi akhuleke futhi akhuleke futhi akhuleke, bese eyehla ebuyele' muva phansi. Kwangaba ncono; kwakuqhubeka kuba kubi kakhulu.

<sup>94</sup> Futhi ngolunye usuku ngale emsebenzini wezwa ihemuhemu. Wathi, “Yini lokho na? Yini lokho na? Ngitsheleni!” Omunye wahlebela omunye. Emva kwesikhashana, lungakedluli usuku, kwakugcwele lonke izwe, ukuthi kwakuzokwenzekani.

<sup>95</sup> Kwakuyini na? Umkhandlu wawuzohlangana ngalobo busuku. INkosi endala uFaro, inkosi endala ekhohlakele yayizobiza bonke abantu bayo ndawonye, bese iba nomunye umkhandlu omkhulu. Ngakho baba nomhlangano omkhulu womkhandlu ezansi lapho.

<sup>96</sup> Ngakho ngalobo busuku wangena, o, wayephansi wonke. Uyangena, nomkakhe uthi, “Amramu, s’thandwa.” wahlangana naye emnyango wase eyamanga, wayesethi, “Ngikulungisele ukudla kwakho kwakusihlwa okuhle nokufudumele. Kodwa,” wathi, “s’thandwa, ubukeka uphaphathekile. Yini indaba na?”

<sup>97</sup> Wathi, “O, Jokebedi, ukube bewazi ukuthi kwenzekani! O, kubi kakhulu kunasekuqaleni!”

“Ini na?”

<sup>98</sup> “Sh-sh, ngingeke ngikusho, abantwana ukhona ngapha. Linda kuze kube semva kokudla kwakusihlwa, futhi ngizokutshela ngakho.”

“Kulungile.”

<sup>99</sup> Ngakho, walungisa ukudla kwakusihlwa. Kwase kudliwa isidlo sasebusuku, wase ethatha bonke abantwana wabafaka embhedeni.

<sup>100</sup> Ngakho, bangena. Wathi, “Jokebedi, ngifuna ukukutshela into ethize.” Wathi, “Enye yezinto ezimbi kakhulu iyenzeka.”

“Ini na?”

<sup>101</sup> Wathi, “Bazoba nomunye umkhandlu namhlanje, kulobu busuku. Futhi uma sebekwenza, bazophinde babeke omunye umthwalo phezu kwethu bantu.”

<sup>102</sup> Ngakho, khona-ke, ake siye ngale esigodlweni senkosi. Inkosi uFaro iba lethabona bonke ngaphandle lapho, futhi yathi, “Kulungile, nonke nina bojenene! Yini indaba ngani ngalapha na? Nginikeza imiyalo yami ngalapha! Lababantu bayanda ngaso sonke isikhathi! Yini indaba na? Ngeke sakumisa lokhu

na?” Wathi, “Ngolunye usuku kuzovela elinye ibutho lempi lapha. Futhi zonke lezi zitha zethu, eziphuma eGosheni khona laphaya, lamaIsrayeli, azozihlangana ndawonye nalelibutho lempi, futhi bazosehlula. Nomnotho wethu omkhulu uzodicilelwa phansi, umbuso wethu omkhulu uzobhujiswa. Bazosithatha. Yini indaba ngani na? Khulumelani phezulu, noma ubani! Ngabe aniyazi into okumele niyisho na?” O, wayenonya, futhi enonya kabi kabi. Bonke ojenene, bevevezela.

Omunye wabo wasukuma, wathi, “Mana njalo Nkosi uFaro.”

“Awu, yisho ozokusho!”

<sup>103</sup> Wathi, “Mana njalo nkosi. Wena ophakeme, mnumzane,” wathi, “Ngingathanda uma ungabeka omunye umthwalo kubantu.”

<sup>104</sup> “Wena sikobho esindikindiki! Senivele nibeke imithwalo eminingi kubantu, kepha noma kunjalo bayanda. Ngani, wena, uma ngabe lowo kuyiyo yonke imibono eninawo, ugcine kuwe!” O, wayenesihluku.

<sup>105</sup> Emva kwesikhashana omunye waphakama, nokumamatheka okukhulu ebusweni bakhe, njengodeveli. Wayesethi, “Mana njalo Nkosi uFaro.” Wathi, “Nginombono.”

Yathi, “Awu, khulumela phezulu! Ungami lapho kanjalo!”

<sup>106</sup> Wathi, “Ngizokutshela esingakwenza.” Wathi, “Niyazi, lababantu banda ngokushesha.”

<sup>107</sup> “Yebo, kunjalo!” Wathi, “Abanye babo, abanye babantu bakubo banabantwana abaze bafike ngisho eshumini nane, ngezinye izikhathi banabantwana abangamashumi amabili. Kanti abantu bakithi abanaye mhlawumbe noyedwa.” Wathi, “Bayanda ngokushesha kakhulu, bamboza lonke izwe nje.”

<sup>108</sup> Niyabo, uNkulunkulu wayenza okuthize. Niyabo, uNkulunkulu sonke isikhathi uhlala edonsa uboya bumboze amehlo kadeveli, niyabo. Niyabo? Uyazi ukuthi Wenzani. Niyabo? Futhi bonke laba besifazane benenqwaba yabantwana nje.

<sup>109</sup> “Ngani na,” wathi, “mana njalo nkosi. Awu, ngizonitshela lokhu. Njalo uma owesifazane ebeletha ingane encane engumfana.. Phuma uye ngaphandle ezweni lapha bese uthola abanye besifazane, futhi abangesibo omama. Niyabo, abesifazane abangakaze baba nabantwana, abesifazane abangafuni abantwana futhi abangabathandi abantwana, abathakathi abadala abanamakhala amade. Niyabo, uma ikhala lilide, kubancono! Iminwe emidala emide, ubuso obupendiwe, futhi babathole. Abazi ukuthi uthando lukamama luyini. Ngakho-ke uma ingane encane engumfana izalwa, ngani, badedele bahambe bayolanda ingane encane engumfana, bayikhiphele ngaphandle bese besakaza ikhanda layo obondeni, bayijikijele emuva endlini kunina kanjalo. Bayilahle ezansi

emthonjeni omkhulu. O, okuncono kunalokho, niyikhiphe futhi niyibophe izandla nezinyawo, bese niyiphonsa ngaphandle, bese nikhuluphalisa izingwenya. Yileyo indlela yokukususa. Lapho-ke bangeke bande kakhulu impela, ngoba ngeke kusaba nandoda ezosala; kubulawe zonke izingane zabafana ezincane.”

<sup>110</sup> “O,” uFaro uthi, “lokho kuhle! Lowo ngumbono okahle!” Niyambona udeveli ukuthi uyini na? Ukhohlakele, akanjalo na? Wathi, “Ngakho yileyo into efanele yenziwe! Hambani nithole... Senina... Manje, njengoba ube nalomqondo, ngizokwenza nje ube ngumengameli walokho. Hamba uthole bonke abesifazane abadala obaziyo, aba—abangakaze baba ngomama, futhi abanathando lwabantwana. Futhi ba...” Ba...

<sup>111</sup> Niyabo, kuthatha umama ukuthanda umntwana. Uyakhumbula ukuthi umama wayekuthanda kanjani na? Awu, manje niyabo, umama uyazithanda izingane ezincane.

<sup>112</sup> Kodwa babefanele bathole umuntu aba—abangazange... obengenabo nhlobo abantwana, owayengafuni bantwana, nje—nje—nje abesifazane abadala ononya. Futhi wathi, “Benzeni amaphoyisa. Futhi uma nibenza amaphoyisa, bese nibanika imiyalo ukuthi bangaya noma kuyiphi indlu abayifunayo, futhi bathathe wonke umntwana omncane bamkhiphele ngaphandle futhi bamsakaze ngekhandla obondeni, bese bemnikeza izingwenya zimudle. Yonke ingane encane!” O, isihluku esinje pho! Ngakho-ke niyazi ukuthi benzani na?

“Kulungile, lokho kuhle!”

<sup>113</sup> Ngakho-ke ngosuku olulandelayo ngenkathi uAmramu esezansi lapho esebenza, wezwa ukuthi lokho kuyalwa sekwenziwe.

<sup>114</sup> O, uya ekhaya. Wathi, “O, Jokebedi! O, s’thandwa, ake ngikutshele okuthize. Uyazi ukuthi lowo myalo wawuthini, okhishiwe na? Ukubulala zonke izingane ezincane zabafana.” Futhi wamtshela. Wathi, “O, angikwazi nje ukukumela.” Wabe esekhuphuka washona ekamelweni elisesitezi futhi, uku yokhuleka. Ngalobobusuku wakhuleka kwangathi uyaqala.

<sup>115</sup> Ngabe sifanele siqhubeke njalo nokukhuleka na? O, khuleka njalo! Ngabe kunjalo na? Qhubeka nje nokukhuleka, akunandaba ukuthi kuqhubeke. Qhubeka nokukhuleka!

<sup>116</sup> Manje, nento yokuqala niyazi, wakhuleka ubusuku bonke, “O Nkulunkulu, yiba nesihawu! Siza, Nkulunkulu! Siyakhuleka ukuthi Uzosisiza ngandlela thize.” Wabuyela emuva phansi, sekuthi akube semini.

<sup>117</sup> Usuku nosuku, futhi, o, ukuklabalasa okunje ezweni! Nsuku zonke babezwa omama bememeza, phansi naphezulu nezitaladi. Babethatha izingane zabo ezincane ezingalweni zabo, ezabo ezincane, izingane ezincane ezihlakaniphile zabafana. Labo

bathakathi abadala babengena lapho futhi, bathathe izinyawo zabo ezincane, bese bezisakaza obondeni futhi bababulale, bese bebajikijele ezingwenyeni. Umama ozihluphekelayo wayeguqa ngamadolo akhe, futhi wayekhala, “O, ningayithathi ingane yami! Ningayithathi ingane yami!” Futhi, o, isikhathi esinje ababenaso!

118 Niyazi ukuthi umama uyithanda kanjani ingane encane, nokuthi uzingqubuza kanjani esilevini. Khumbulani ukuthi umama wayeye akuthathe kanjani wena futhi—futhi akugeze, futhi akwange, futhi—futhi—futhi wayesho ukuthi wawumuhle kanjani. Nokuthi wayekubeka kanjani embhedeni ebusuku. Futhi, o, uma—uma unga . . . umnyango omncane wawuvuleka, isiphakamiso esincane singena, into enjengaleyo, o, he, wayegijima masinyane futhi avale umnyango, amboze ingane encane, futhi, niyazi, uyakuthatha. Wayekuthanda. Niyabo? Wayekuthanda. O, wayeyithanda leyonto encane bandla uNkulunkulu ayemuphe yona, ebingenakuzisiza futhi beyingeke izisize qobo lwayo, ngakho wayeyithanda loyongane encane. Futhi wayevele nje azange izingane zakhe ezincane futhi adlale nazo, ngoba wayengumama impela. Niyabo?

119 Kodwa laba besifazane abadala ababulala izingane, babengazi ukuthi uthando lukamama lwaluyini. Babengesibo omama. Konke ababecabanga ngakho, babenesikhathi esikhulu nje emqondweni wabo, izinto zezwe, ngakho babengena futhi babulale lezozingane ezincane. Nibancane kakhulu ukuba nazi, kodwa kusaqhubeka. Kunjalo. Manje nina abadala niyakwazi lokhu engikhuluma ngakho. Kunjalo, okuningi kakhulu kwakho! “O,” wena uthi, “Beningeke ngithathe. . .” Kodwa udaba yokukhipha isisu yinto efanayo. Kulungile, kodwa niyabo abakwazi ukuthi ukuphila kukamama kuyini. Manje niyazi ukuthi ngichaza ukuthini uma ngithi “omama bangempela”! Kunjalo. Akukho kwehluka; udeveli ofanayo! Ngakho lapho, khona-ke, ba . . . Cabanga nje ngezinkulungwane eziphindwe kazinkulungwane eziphindwe kazinkulungwane, ngonyaka, kukubi njengoba kwakunjalo eGibhithe, noma kubi kakhulu.

120 Futhi lapho, khona-ke, bayangena, babengenalo uthando lukamama, ngakho babethatha lezozingane ezincane futhi bazibulale. O, kwakuqhubeka ngokuba kubi ngokuba kubi. Futhi ngolunye usuku kwaqhamuka elinye ihemuhemu, bazoba nomunye umhlangano.

121 UFaro wabiza bonke abeluleki bakhe ndawonye, futhi bonke ndawonye. Bangena ngaphakathi lapho. Wathi, “Kulungile, basalokhu banda! Sizokwenzenjani ngakho manje na?”

122 Leliqili elidala elifanayo, umfo wobuso bukadeveli onobuhlakani, waphakama. Wathi, “Mana njalo Nkosi uFaro. Nginawo umbono. Bukani, unendoda esebenzayo. Ubenza

babenendlu yokushisela izitini, eziningi kakhulu usuku ngalunye, benzeni bazenze ngamahlumela. Ubabulalile a—abantwana abancane nezinto, kodwa basalokhu beqhubeka banda. Into ofanele uyenze, ukuthi ufake abesifazane emsebenzini, nabo. Uma ufaka abesifazane ukuba basebenze, khona-ke bangeke...” Manje, leyo akusiyo indawo yowesifazane. Qhabo. Ngakho bathi, “Kodwa faka abesifazane emsebenzini, bese ubabeka phandle lapho, futhi ubenze bakhe isitini, nabo. Futhi-ke bazokhathala kakhulu uma bengena, ba—bangeke bakwazi ukuphekela amadoda abo ukudla kwakusihlwa, bangeke baba omama abahle, niyabo. Futhi uma beya emsebenzini futhi baqhubeke kanjalo, ngakho ba—bangeke bakwazi ukukwenza. Ngakho, bafake emsebenzini, nabo.”

<sup>123</sup> “Lokho kuhle! He, uyindoda ehlakaniphile.” Ngakho ufaka bonke abesifazane emsebenzini.

<sup>124</sup> Futhi nakhu kuza uAmramu omdala ozihluphekelayo, engena ngalobobusuku, wathi, “O, Jokebedi, angazi ukuthi sizokwenzenjani. Manje bafaka bonke abesifazane emsebenzini. Ngi—ngiyakutshela, o, angazi nje ukuthi kumele ngenzeni! Nje si—si—si... Siyiziqqila, futhi siya ngokuba kabi kabi. Ngi—ngizobikezela lokhu: uma Nkulunkulu eke asenzele noma yini, kuyoba semva kokuba sesife sonke.”

<sup>125</sup> Manje, uNkulunkulu akalindi kanjalo, ngabe Uyalinda na? Qhabo. UNkulunkulu uyasibuka nje ngezinye izikhathi, Akasibuki na? Kulungile.

<sup>126</sup> Ngakho-ke ngalobo busuku, wathi, “Ngiyakhuphuka futhi ngikhuleke kube sengathi angikaze ngikhuleke ngaphambilini!”

<sup>127</sup> Manje, yileyo indlela yokukhuleka, akunjalo na? Khuleka sengathi awukaze wakhuleka ngaphambilini, ngena emsebenzini ngempela! Niyabo, uma uzokhuphuka nje futhi uthi, “Nkosi, busisa u*Sbani-bani-nosbani-bani*,” UNkulunkulu aka—akabi namdlandla kangako kulokho. Kodwa uma ungena emsebenzini ngempela! Uma nina bafana abancane namantombazane nikhuleka, ngenani emsebenzini! Niyakwenza lokho esikoleni na? Ngabe ni—niyamcela uNkulunkulu ukuba anisize esikoleni na? Uma—uma niya esikoleni, futhi ningaphasi kahle kakhulu, ngenani bese nithi, “Nkulunkulu, ngi—ngifuna Ungisize.”

<sup>128</sup> Niyakhuleka na? Bangaki abafana abancane namantombazane okhulekayo na? Ake sibone izandla zenu. O, lokho kuhle. Manje, lokho kuhle. Ngabe unayo indawo efihlakele lapho oya khona uyokhuleka, lapho umama nobaba bengakuboni ngisho nokukubona na? Ngabe uyakhuleka kanjalo na? Wena, awukhuleki kanjalo na? Yiba nendawo encane, yithi shelele bese uyakhuleka, futhi usho umkhuleko wakho omncane. Uwusho njalo ebusuku ngaphambi kokuba uyolala na? Uma uvuka ekuseni, nento na? O, lokho kuhle. Bangaki abanye

abafana abancane namantombazane, (phakamisani isandla senu) lowo okhulekayo na? Indlela kuya ngale kwesakhiwo. O, akukuhle lokho na? Awu, manje, lokho kuhle. Lokho kukhombisa ukuthi unomama ngempela nobaba okufundisa ukuba wenze lezizinto. Manje, manje uma uba nesidingo ngempela, kuncono ukhuleke ngobuqotho. Uke wakwenza na?

<sup>129</sup> Ngakho, uAmramu omncane, ushona phezulu esitezi. O, he! Wayengafuni kudla kwakusihlwa. Wathi, “Kubi kakhulu. He!”

“O,” owesifazane wathi, “ufanele udle ukudla kwakusihlwa, baba.”

“Ngeke nje ngikwazi ukukwenza, Jokebedi. Ngingeke nje ngikwazi ukukwenza. Ngi—ngi. . .”

<sup>130</sup> “O,” wathi, “kodwa uyehla emzimbeni, futhi unokwethuka, futhi uphaphathekile ebusweni bakho. Uyakuhlansa ukudla kwakho, nezinto.”

<sup>131</sup> “O, angazi ukuthi kumele ngenzeni! Kodwa,” wathi, “s’thandwa, uma umuntu engathathi abantu abafake enhliziyweni, uma omunye umuntu engabakhulekeli abantu, sizokwenzenjani na? Siya ngokuba kabi. Impela, ngesinye isikhathi, uNkulunkulu uzozwa!”

<sup>132</sup> Yebo, kunjalo. Kunjalo. UNkulunkulu uzozwa. Wena ngena emsebenzini futhi uhlale lapho nje!

<sup>133</sup> O, kulesi sikhathi uya phezulu esitezi ngokwehlukile. Uma eya phezulu esitezi kulesi sikhathi, uguqa phansi, uphakamisela izandla zakhe emoyeni, uyampongoloza, “Nkulunkulu, ngikhuluma naWe manje!” Amen. Ukungena emsebenzini! “Nkulunkulu, Wena unezindlebe, futhi Uyezwa. Wena unamehlo, futhi Uyabona. Wena unenkumbulo; Uyalazi iZwi laKho. Uyasazi isethembiso saKho. NgiyaKuncenga, Nkulunkulu, buka lapha phansi, UguNkulunkulu ka-Abrahama, uIsaka, noJakobe, ukuthi abantu baKho basekukhathazekeni, futhi bayafa. Senzele okuthize, Nkulunkulu!” [UMfowethu Branham ungqongqotha epulpiti kathathu—Umhl.] “Sifanele sibe naWe kanye nje! Sifanele nje sibe naWe, ngaphandle kwalokho sizobhubha. Sifanele sibe naWe. Sifanele nje, uma siphila.” Kulapho-ke uma ukhuleka ngempela. O, wakhuleka!

<sup>134</sup> Niyazi, ngesinye isikhathi abantu uma bekhuleka, bayakhathala. Abakhathali, umama nobaba na? O, bakhathala kakhulu! UMfowethu Branham ngesinye isikhathi ukhathala kakhulu ngicishe ngiquleke uma ngiyokhuleka isikhathi eside; nje ngiquleke, ngihambe ngaphandle kokuthi ngidle, nezinto, izinsuku; futhi ngikhuleke futhi ngikhuleke futhi ngikhuleke, futhi ngishumayeke. Futhi ngifika endaweni nje lapho sengizoquleka khona, cishe. Futhi ngezinye izikhathi abantu baba ngaleyondlela. Leso akusiso isikhathi sokuyekela. Qhubeka! UNkulunkulu uzophendula! [UMfowethu Branham

ungqoqotha epulpiti kathathu—Umhl.] Yebo, mnumzane. Qhubeka ubambelele! Yebo, mnumzane.

<sup>135</sup> Ngakho ukhuphuka kancane, izitebhisi ezindala ezitsegezayo. Futhi sengiyambona Jokebedi eza ngakhona, futhi ethi, “O, Amramu, ungakwenzi. S’thandwa, ngi—ngiyakholwa...”

<sup>136</sup> “Manje, Jokebedi, buka, ungokahle, othandekayo...” Wayemuhle, umama omncane obukekayo. Wase emanga esihlathini, niyazi, wase eyambambatha *kanjalo*. Wathi, “Manje, mama, buyela emuva ubeke uAroni no—noMiriyamu omncane embhedeni. Futhi ngisaya phezulu ukuyokhuleka. Futhi manje, uma ungizwa ngikhala izinyembezi, ungezi lapha phezulu.”

<sup>137</sup> “Awu, kodwa, Amramu, uzokwenzani, s’thandwa na? Wena, sekusele kancane ufe.”

<sup>138</sup> “Yebo, kodwa ngi—nginomthwalo wabantu enhliziyweni yami. Ngifanele ngenze okuthize ngakho. Ngifanele ngihlale emadolweni ami. Futhi *kanjalo* bonke abantu...” Wathi, “Namhlanje, namhlanje kuphela, ezansi egqumeni lezisini, bengisezansi lapho, ngilokhu ngithi, ‘Awu, impela, uNkulunkulu uzozwa!’ Futhi enye indoda endala enkulu yeza, yabeka izandla zayo ezinqulwini zayo, yase ithi yathi, ‘Uzozwa nini na? Uzozwa nini na?’ Niyabo ukuthi abantu babamunyu kanjani na? Baqala ukumelana noNkulunkulu, ngoba bayakhuleka futhi bakhuleke futhi bakhuleke, futhi kwangenzeka lutho. Nalona uyakhuleka futhi uyakhuleka futhi uyakhuleka, futhi kwangenzeka lutho. Futhi bonke abapristi uthi, ‘Izinsuku zezimangaliso selwedlule, futhi into kuphela esingayenza ukuthi sizithi gwinji lapha phansi kulaba bacindezeli abakhonza abahedeni, noma onkulunkulu babahedeni, *kanjalo njalo*. Futhi singenzani na?’” Kodwa wathi, “Kodwa ngiyakholelwa kuJehova! Amen! Ngiyakholwa ukuthi Usawuphendula umkhuleko!”

<sup>139</sup> Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, “Amen!”—Umhl.] Niyakukholwa na? Amen! Nonke nina enikukholwayo lokho, thanini, “Amen.” [“Amen.”] Usawuphendula umkhuleko! Kulungile.

<sup>140</sup> Umzimba omncanyana oyintengentenge, olahlekelwe isisindo kakhulu. Washo wenyuka izitebhisi ezitsegezayo, eya khona laphaya wase eguqa phansi. Wathi, “O Jehova!” O, wakhuleka sengathi akakaze akhuleke phambilini! Wathi, “Jehova, buka lapha! UnguNkulunkulu wangempela. Siyakholwa ukuthi Unezindlebe. Siyakholwa ukuthi Unamehlo. Futhi Wazi zonke izinto. Futhi siyakholwa ukuthi UnguNkulunkulu wamaHeberu, nathi singabantu besethembiso. Siyakholwa ukuthi Uyaligcina iZwi laKho.” Wathi, “Buka laba bahedeni ngaphandle lapha, ukuthi bakuthatha kanjani ukusebenza kwethu okushibhile, futhi bakha imigwaqo emikhulu ebanzi nezithixo, nayoyonke into.



Wena, Jehova, Wawungahlala eZulwini uvumele abahedeni baKubuse na? Angikholwa ukuthi Uzokwenza.” Amen!

<sup>141</sup> Angikholwa namanje ukuthi Uzokwenza! Amen! Uma udeveli engena, uNkulunkulu uselokhu enguNkulunkulu! Kunjalo! Angeke avumele labodeveli ukuba benze lokho. Ngiyakukholwa ukuthi, namuhla, ukuthi uma ifashini nombhedo, nabobonke ubulima obuqhubekayo; namanje, uNkulunkulu uyabusa futhi UsenguNkulunkulu! Kunjalo! Esikudingayo ngumuntu onjengoAmramu, abanomthwalo enhliziyweni yabo, abazohlala lapho futhi bakhuleke baze bedlule, aze amaZulu lithi qheke livuleke ngaleya, uNkulunkulu ehle bese ephendula umkhuleko. Amen.

<sup>142</sup> “Manje buka lapha,” wathi, “Nkulunkulu, ngabe Uyabavumela abahedeni bahlekise ngabantu baKho kanje na? Amaviki nezinyanga neminyaka sekwedlule. Sikhuleka njalo njalo, ngezinyembezi, kodwa... [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] O Nkulunkulu, Uzoyivumela into enjalo na?”

<sup>143</sup> Ngiyamangala namhlanje, ukuthi uma amakhulu ezingane ezincane ejikijelwa emifuleni nasemigodini yokungcolileyo, futhi zingavunyelwa ukuba ziphile, namacala okukhishwa kwezisu nayoyonke eny'into eyenziwe; O Jehova, Uzoyivumela into enjalo iqhubeke na? [UMfowethu Branham ungqogqothe epulpiti kasithupha—Umhl.] Namuhla, lapho ugologo nobhiya, nempilo yasebusuku, nayo yonk'into, iyakhala. Futhi ngisho ipulpiti selibe buthakathaka kakhulu kangangoba sebeze bayesaba nokusho utho ngalo. Jehova, Uzowuvumela umbhedo onjalo ukuba uqhubeke na? Uzophendula ngolunye usuku. O, ulaka lwaKhe luyesabeka kakhulu uma selufika. Yebo, mnumzane. Abesifazane bayaphuma futhi benze iso lengane yabo libe isitsha sikasikilidi, ukuba awisele imilotha phakathi kulo, nayoyonke into. Futhi abantu bathatha izingane zabo ezincane baye nazo emakamelweni otshwala, amantombazane amancane nabafana behlezi, abaneminyaka eyisithupha noma eyisishiyagalombili ubudala, bephuza, nezinto ezinjengalezo. Nezwe likwenza kube semthethweni, futhi, “Kulungile.” O, he! Nicabanga ukuthi uJehova akakuboni lokho na? Uma, behlekisa ngisho ngabantu abakahle ngempela noNkulunkulu. Zonke lezizinto eziqhubekayo, kuhlekiswa. Bambelelani, yibani nje nilokhu nibambelele! UJehova uzophendula. Ningakhathazeki. Kulungile.

<sup>144</sup> Siyaqhubeka kancanyana. Simthola phezulu lapho ekhuleka. Futhi uqala ukukhathala nje kakhulu, ulala phansi. Ukhuleka uze nje uwela kwiphansi. Akasakwazi ukuqhubeka, wase ethatha isithongwana. Waphaphama. “Yini indaba na? Bukani ngapha! Kuvelaphi lokho kuKhanya na? O, buka, kumi lapho ekhoneni.” Nakho kumi iNgelosi, inkemba yaYo ilenga lapho ohlangothini lwaYo. O, waphinde wabuka futhi, wase

ehlikihla amehlo akhe. Waphakama waguqa ngedolo, wathi, “Nkosi, o, o, Ubungafuna ngikwenzele ini—ini na?”

<sup>145</sup> Yathi, “Amramu, NgiyiNgelosi kaNkulunkulu. Ngithunyiwe ngivela eZulwini, ukuzokutshela ukuthi uNkulunkulu uwuzwile umkhuleko wakho. Futhi ngize ukuzokutshela ukuthi Uzothumela umkhululi. Uzikhumbula zonke izethembiso zaKhe.” Ngiyayibona iNgelosi manje; Yibukeni, Ihosha lenkamba. Iyikhomba enyakatho. UAmramu wabuka. Yathi, “Esihlokweni salenkamba nje kubekwe izwe lesethembiso. Futhi Ngethembisa uAbrahama, uIsaka, noJakobe, oyihlo, ukuthi nina bantu nizolidla lelozwe. Futhi Ngikuzwile ukububula kwabantu, Ngikuzwile ukukhala kwabantwana, futhi Ngehlile. Futhi Ngifuna wazi ukuthi uzodlala indima enkulu kulokhu, Amramu, ngoba bewethembekile emkhulekweni. Bewethembekile endlini yakho. Futhi cishe ngalesisikhathi onyakeni ozayo, uJokebedi, umkakho omncane othandekayo, uzogona ingane encane engumfana. Futhi leyo ngane encane engumfana izoba ngumkhululi.” Udumo!

<sup>146</sup> Wathi, “O, yebo. Yebo. O, yebo. Yebo. O, Inhle kakhulu.” Wabuka, neNgelosi yaqala ukuphakama. Kwaba sengathi nje amazulu onke avulekile, yase Iyaphuma kulelokamelu. Walinda kancanyana. Wathi, “O, angisangene.”

<sup>147</sup> Wehla ngezitebhisi, ngokushesha impela, futhi wathi, “Jokebedi! Jokebedi, sheshisa!”

Wathi, “Yebo, yini indaba, s’thandwa na?”

<sup>148</sup> Wathi, “Vuka uhlale!” Nonyezi ukhanya efasiteleni, beku. . . Wayebukeka emuhle. Wayesethi, “Ngisanda kubona nje iNgelosi kaNkulunkulu, futhi Ingitshele zonke lezizinto.”

“O, beYibukeka kanjani na?” kusho umama. “BeYibukeka kanjani na?”

<sup>149</sup> Wathi, “O, Ibiyinhle. Ibiqgoke ingubo ende ekhazimulayo. Amehlo aYo ayecwazimula. Futhi Ibinenkamba esandleni saYo, futhi Iyikhombe enyakatho.” Yileyondlela, niyazi, izwe lesethembiso libekwe kusuka eGibhithe; wenyuke ngaleyondlela, ePalestine. Wathi, “Ikhombe enyakatho. Futhi Ishilo ukuthi sizoba nengane cishe ngalesisikhathi ngonyaka ozayo, futhi lengane encane izovela futhi ibe ngumnqobi, futhi izokhulula abantu baYo. O, haleluya, Jokebedi!”

<sup>150</sup> Futhi waqaphela ukuthi wayemhlophe. Ubuso bakhe, amehlo akhe ayemgqolozele, amehlo akhe amakhulukazi ayebuka. “Jokebedi, yini indaba na?”

“O, Amramu! Qhabo, qhabo, qhabo! Sinayo ingane engumfana na?”

“Yebo.”

151 “O, wena . . . Kungeke kwenzeka. Uyazi ukuthini? O, uma ubungakaze ube nalonombono. Uyazi ukuthini, uFaro, ubulala zonke izingane ezincane.”

152 “Yebo. Kodwa, uyazi, uma uNkulunkulu esinika lengane, uNkulunkulu uzoyinakekela ingane. Amen! UNkulunkulu wethembisa. UNkulunkulu uzoyinakekela.”

153 Awu, ngosuku olulandelayo uyaphuma uya emsebenzini. Futhi bonke abafo phezulu lapho, baqaphela uAmramu. Esikhundleni sokuza, niyazi, ngenxa yokuqhotha nokukhandleka, wayephakamise amahlombe akhe, wathi, “Phonsani ezinye izitini. Wozani, asambeni!”

“Yini indaba na?”

“Udumo kuNkulunkulu! UNkulunkulu uzophendula umkhuleko.” O, qhabo . . .

154 Niyazi, kukwenza uzizwele ukahle uma uthola impendulo. Asikwazi lokho, baba nomama, uma uNkulunkulu enikeza impendulo na? Awudingi ukuthi ubone umbono. Yazi nje ukuthi impendulo ikhona lapho, yilokho nje. Yilokho nje, yazi nje kuphela ukuthi impendulo ikhona.

155 Manje, lalélisisani manje, ngifuna nilalele, ukuthi kwenzekeni. Manje niyazi, emva kwesikhashana, bathi, “Kulungile, Amramu, yini indaba ngawe na?”

156 “UNkulunkulu uzophendula umkhuleko! UNkulunkulu uzophendula umkhuleko!”

“Awu, Uzowuphendula kanjani umkhuleko na?”

“Lokho akwenzi mehluko.”

157 Omunye umfo omdala wanyuka, futhi wathi, “Manje ucabanga ukuthi Uzoke aphenndule nini na?”

158 “Awu, ngingeke ngikutshela, ngoba ungongakholwa, empeleni. Nginikeze ezinye izitini.” Wazijikijela phakathi *kanjalo* . . . ? . . . Anginandaba; awufanele utshela abangakholwa zonke izinto, ufanele na? Akwenzi mehluko. Qhabo, mnumzane. Impela qhabo. “Nginikeze ezinye izitini. Haleluya! Uzowuphendula umkhuleko!” Yileyo indlela ozwa ngayo uma wazi ukuthi kuzokwenzeka. Akunjalo na? Yebo, mnumzane.

“Awu, Uzokwenza kanjani na?”

159 “Awazi, empeleni, ngakho qhubeka unginikeze izitini.” Zibeke zonke phakathi lapho, zifake zonke lezi isitini esindala phakathi lapho.

160 Ngalobobusuku waya ekhaya, wathi, “O, Jokebedi, awukucabange nje, sizoba nengane! O, izoba ngumkhululi! UNkulunkulu uzoyithumela. O, kuzoba ngokumangalisayo.”

“O, kodwa kakhulu ngi . . .”

161 “O, yekela ukukhathazeka! Yekela ukukhathazeka! He! Nkulunkulu use—uNkulunkulu usesiphethweni ekulaleleni manje. UNkulunkulu unezindlebe; uNkulunkulu uyezwa. UNkulunkulu unezandla; Angakhulula.” Ngakho, o, wayenokukholwa okuningi.

162 Niyazi, uma usuqedile ukukhuleka, uthola impendulo, impela uthola ukukholwa okuningi ngalesosikhathi. O! Sewake wakhulekela noma yini, futhi uyazi ukuthi uNkulunkulu wayezokwenzela yona? Ngabe nina mantombazane amancane niyakwenza lokho, nani nina bafana abancane na? Ya. Impela. Kungalenkathi E . . . Yilapho wazi khona ukuthi kuzokwenzeka. Kulungile.

163 Unyaka wonke wedlula. Futhi into yokuqala niyazi, nakhu kungena uAmramu ebuya emsebenzini ngolunye usuku. Futhi kwenzekani na? Ingane encane enhle kunazonke, o, yayiyisithandwa esincane, cishe emude kangaka. Futhi ngakho wamphakamisa, wamnikeza uAmramu. Futhi uyamanga, niyazi. Uyamthanda, niyabo. Nomama wayemphethe. O, igugu elinje pho! Wathi, “O, ngiyesaba kakhulu, nokho, niyazi. Lengane encane, iyinto enhle kakhulu encane.”

164 Futhi uyazi ukuthini? IBhayibheli lathi leyo kwakuyingane encane enhle kunazo zonke ezake zazalwa. Manje ngiyazi ukuthi omama bangeke bavumelane nami kulokho. Ehhe. Bacabange ukuthi . . . Umama wakho wayecabanga ukuthi wawuyingane enhle kakhulu. Yayingenjalo na? Ya. Unelungelo lokucabanga lokho. Kodwa iBhayibheli lathi lena kwakuyingane enhle encane. O, wayeyitshe eliyigugu. UNkulunkulu wayenezandla zakhe kuye, niyazi. Ngakho, o, wayeyinto encane enhle kakhulu! Wayebekwa lapho, bese e—esineka kancane nje, engenamazinyo.

165 Awunaye nomfowenu omncane kanye nabo, babekwenza lokho, ngesikhathi e—engenamazinyo, esineka *kanjalo* na?

Futhi into yokuqala niyazi, “Wa!”

“O, he, bakithi! Whewu! Ngiyazi, asimfihle.”

“Yini indaba na? Wenzani na?”

166 “Mthathe wehle naye izitebhisi. Niyazi ukuthi lomyalo uyini. Niyabo, uma labobathakathi abadala abanekhala elide befika ngalapha, bazothatha ingane yethu bayibulale. Kunjalo. Singeke siyiyekele ikhale.” Ngakho, o, yayidinga i—yayidinga isidlo sasekuseni noma ukudla kwakusihlwa. Ngakho umama uyayithatha uya ngale ekhoneni, uyayincelisa, niyazi. Futhi ngakho yayikahle emva kwalokho.

167 Ngakho ebusukwini obumbalwa emva kwalokho, babedlala nayo, futhi, “Wa!” Wahamba futhi, niyazi, yaqala ukukhala. Wahamba masinyane owesifazane, futhi wayifihla, wayifihla ngokukhulu ukushesha kanjalo. Futhi phansi esitezi, phansi le

emuva, obondeni, uAmramu wayelungise indawo encane lapho ayengafihla khona ingane.

168 Futhi into yokuqala niyazi, bezwa into ethize esitezi ihamba... [UMfowethu Branham ungqogqotha epulpiti kasithupha—Umhl.] “Whewu! Hambile!” Wonke umuntu wasakazeka waya ngakwenye indawo, wathi, “Yibo. Yilabo bathakathi abadala, labo abadala beminwe eminde, izinziphopho ezipendiwe!” Futhi labo bathakathi abadala babuka phansi lapho. Futhi wabuka ngaphandle ewindini, wathi, “Ya, yibo. Bami lapho.”

[UMfowethu Branham ungqogqotha epulpiti kahlanu—Umhl.] “Vula!”

169 UAmramu omdala waphuma, wavula umnyango, wathi, “Nifunani na?”

170 Bathi, “Unengane phakathi lapha, futhi siyakwazi. Futhi sizoyithatha.”

“Asinangane esinganinika yona.” Abazange.

171 “Siyangena ukuzobuka, empeleni. Singamaphoyisa esifazane. Uyawabona amabheji ethu na?” Futhi lokho yi... Akusiyo yini into yowesifazane ukuthi angabayiyo na? Kodwa, “Singamaphoyisa esifazane. Sinamalungelo avela kwiziphathamandla!” Uyazi, sinabo manje lapha. Futhi ngakho—ngakho-ke bayehla, bayangena. Bangena baphakamisa usofa, futhi bavula onke amashalofu, futhi baphosa yonke into phansi, base bethatha zonke izimpahla zombhede bazivuthuza. Base beya phezulu esitezi futhi bathola lapho ubaba wayenendawo efihlakele. Babheka yonk’indawo, kodwa abayitholanga ingane.

172 Abakwazanga ukuyithola ingane, ngakho base benyukela kowesifazane futhi babuza. Awu, uJokebedi bandla emi lapho, ubuso bakhe bumhlophe. Benyuka, bathi, “Buka lapha! Siyazi ukuthi u—ungumama. Singasho nje ngendlela obukeka ngayo. Siyazi ukuthi ungowesifazane oncelisayo, futhi siyazi ukuthi ingane ilapha. Sizobuya. Sizoyithola!” Base bephuma ngomnyango. Bagaklaza umnyango, base bephuma behamba.

Wathi, “O, o, yini esingayenza na? Yini esingayenza na?”

173 Ngakho uAmramu wathi, “Khuleka.” Yileyo into okumele yenziwe na? [Abafana namantombazane bathi, “Yebo.”—Umhl.] Yileyonto na? “Khuleka! Asikhulekeni.”

“O, o, o! Angazi ukuthi—ukuthi ngenzeni. O!”

174 Ngakho wathi, “Manje, buka, khulumela phansi, bese uyahamba uyancelisa ingane futhi. Ngisaya phezulu esitezi ukuyokhuleka.”

175 Ngakho uyahamba uya esitezi futhi uyakhuleka. Wathi, “Jehova, Unezindlebe. Jehova, Unamehlo. Jehova, Uyezwa.

Ungawuphendula umkhuleko. Usinike lengane. Usinike isethembiso saKho. Futhi Uzosigcina isethembiso saKho, futhi Uzoyigcina leyongane. Futhi nginokwethemba!”

<sup>176</sup> Emva kokukhuleka, esekhathele ngempela, wa—wavele wawa nje *kanjena* walala. [UMfowethu Branham ulingisela ukuhona—Umhl.] Wayekhathele kakhulu! Wayesebenze usuku lonke, futhi ekhuleka ubusuku bonke. Wayekhathele. Futhi-ke niyazi ukuthi kwenzekani na? Walala, wase ephupha iphupho.

<sup>177</sup> Niyazi, uNkulunkulu ukhuluma ngamaphupho, futhi, ngabe Akakhulumi na? Impela, Uyakhuluma. Yebo, Uyakhuluma. Uyakwazi. Niyabo? Futhi Ukhuluma ngamaphupho.

<sup>178</sup> O, ngenkathi ephaphama, wathi, [UMfowethu Branham ungqaphaza umunwe wakhe kanye—Umhl.] “Nakho-ke! Bengifanele ngabe ngicabangile ngalokho. Yilokho okumele ngikwenze.” [UMfowethu Branham ungqogqothe epulpiti kahlanu.] “Ngingeke nje ngisho lutho ngakho.”

Nango ehla esitezi. Wathi, “Jokebedi!”

“Yebo, s’thandwa? O, ngikhandleke kakhulu. Angikwazi ukulala.”

“O, hamb’uyolala. Hamb’uyolala. Sekuphelile.”

“Wazi kanjani?”

“O, ngiyazi nje. Nginokwethemba nje!”

<sup>179</sup> Esikhundleni sokuba ubaba, kulobobusuku, akhuphukele esitezi ukuyokhuleka, waya endlini engaphansi kwesitezi. Wayematasatasa ngaphansi lapho. Ngiyamangala ukuthi ngabe wayenzani. Ake sehle futhi simbuke. Ngiyambona lapho phansi, ehamba... [UMfowethu Branham uqala ukhamisha, futhi egqonqa esazama ukulingisela ukwakha into ethize—Umhl.] “Bha, bha, bha.” [UMfowethu Branham uyahamisha.] Uthatha lomhlanga, futhi uyawubukisisa, uyawusonta futhi ubuka ukuthi ukahle yini. [UMfowethu Branham uyahamisha.] UAroni omncane waphuma ngalelolanga, wase ebutha inqumbi yayo, wayibeka ekamelweni elingaphansi esitezi, niyazi. [UMfowethu Branham uyahamisha.] “UNkulunkulu uyakunakekela.” [UMfowethu Branham uyahamisha.] “Ivangeli lakudala, lonke lifanele libe iqiniso!” [UMfowethu Branham ugqonqa into ethize.] Uyayibopha.

Wathi, “Amramu, yini indaba ngawe na?”

“Haleluya! Akulutho, s’thandwa. Qhubeka.”

<sup>180</sup> [UMfowethu Branham uyahamisha—Umhl.] “Ivangeli elidala.” [UMfowethu Branham uyagqonqa futhi.] “Ivangeli elidala.” Letha lokhu ngalapha, niyazi. “Ivangeli elidala.” “Shhhhhhh,” uyakunamathelisa konke. “Futhi lingenela mina du! Ngiphe leli elidala. . . .” Wayenza into ethize.

181 Niyazi, emva kokuba sekwedlule iviki noma amabili, into yokuqala niyazi, bamangala ukuthi wayenzani.

182 Ngakho ngobunye ubusuku besalele bonke, wathi shelele phezulu esitezi waletha lento encane, niyazi. Ukumisa *kanjena*. Wase eyakuletha. Wembula lapho uJokebedi umkakhe elele khona, futhi ukufihla ngaphansi kwesembozo. NoAroni omncane no—noMiryamu omncane wayelele, niyazi; o, wayeyinto encane enhle elungile, leyontombazane encane yayinjalo, futhi kunjalo noAroni omncane. Ngakho, wakubeka ngaphansi lapho. Wathi, “Jokebedi, s’thandwa.”

183 Wathi, “Uke waya ekamelweni elingaphansi ngalesisikhathi sobusuku, Amramu na?”

Wathi, “Qhabo. Kade ngisekamelweni elingaphansi, ngidumisa uNkulunkulu.”

Wathi, “Kade wenzani na?”

184 Wathi, “Ngifuna ukukutshela. Manje, niyazi labobathakathi uyabuya.”

“Ya.”

185 “Futhi ngifuna ukukutshela ukuthi sizokwenzani. Sesibe nengane izinyanga ezintathu manje, futhi sifanele siyilahle.”

“O, Amramu! Ufanele wenzeni na?”

“Sifanele siyilahle ingane.”

“Silahle ingane na?”

“Ya.”

“O, unesihluku!”

“Qhabo, anginasihluku. Qhabo, qhabo, qhabo. Ngiyazi ukuthi ngenzani.”

186 “Uchaza ukuthini na? Ngabe, uzoba mubi njengoFaro. Uzolahla ingane yethu na?”

“Ya, ngizoyilahla ingane.”

“O, singeke siyilahle!”

187 “Manje lalela. Uma siyigcina, sizolahlekelwa yiyo. Kepha uma siyinikeza Lowo Owasinikeza yona, Uzoyithola.” Ngabe kunjalo na? “Manje, uma siyigcina, sizolahlekelwa yiyo.”

“Uzolahlekelwa yiyo kanjani na?”

“Ngani, labo bathakathi uzoza lapha futhi ayithathe.”

188 Futhi bukani, uma ngabe nigcina lowo mphefumulo futhi niqhubeke futhi niphile njengezwe, nizolahlekelwa yiwo. Abathakathi basesihogweni bafuna wena. Futhi kunjalo. Bonke lobubuwula obudala bezwe nezinto ngaphandle lapho, kufuna wena ngqo. Uma ngabe uwugcina, uzolahlekelwa yiwo; kodwa uma uzowubuyisela kuLowo Owakunikeza wona, uzowuthola futhi uwugcine. Yini manje na? Uma ngabe siwugcina,

senzani na? [Abantwana bathi, “Uzolahlekelwa yiwo.”—Umhl.] Uzolahlekelwa yiwo. Uma ngabe siwunika Kristu, senzani na? Siyawugcina. [“Siyawugcina.”] Amen! Lokho kuhle. Manje niphendula kahle.

<sup>189</sup> Manje wathi, “Jokebedi, sizolahlekelwa yiyo uma siyigcina. Ngakho uma siyibuyisela—siyibuyisela emuva kuLowo Owasinikeza yona, khona-ke sizoyigcina.”

<sup>190</sup> Manje unomphefumulo. Futhi, baba nawe mama, nani ngokufanayo. Kodwa uma uwugcina, uzolahlekelwa yiwo. Kunjalo. Abathakathi basesihogweni bayawuthatha. Bonke bafuna wona! Kodwa uma uwubuyisela kuLowo Owakunikeza wona, uzowugcina ekuPhileni okungunaphakade. [UMfowethu Branham ungqogqothe epulpiti kathathu—Umhl.] Haleluya! Amen! Ningixolele, bantwana, ngingowefashini endala nje ngokwenele ukuba ngimemeze. Uma uwugcina. . . Asikusho, sonke kanyekanye. [UMfowethu Branham nebandla bathi, “Uma ngabe uwugcina, uzolahlekelwa yiwo. Uma uwubuyisela kuLowo Owakunikeza wona, uzowugcina.”] Amen. [UMfowethu Branham ungqogqothe epulpiti kathathu.] Khumbula manje, Mnike wona.

<sup>191</sup> Manje ake sibukele. O, uqala ukukhala izinyembezi. Wathi, “O, uzokwenzani ngayo na?” washo.

“Buka lapha, ngifuna ukukukhombisa okuthize.”

“Yini onayo lapha ngaphansi kombhede wami laphaya na?”

Wathi, “Ake ngikukhombise.” Wase eyakudonsa uyakukhipha.

“O, ubhaskidi omncane womhlanga!”

<sup>192</sup> Ngumkhumbi omncane, uyilokho. Awunaso ngisho isiqondiso somkhumbi, awunawo noseyili, awunazo ngisho izigwedlo kuwo, futhi nokho uzothwala umthwalo oyigugu kakhulu kweyake yathwalwa ngumkhumbi, kuze kube yilesosikhathi. Kuzweni! Awunaye ukapteni noma abasebena emkhunjini. [UMfowethu Branham ushaya izandla zakhe kabili—Umhl.] Mfowethu, ngiyawazi uMkhumbi womuntu omdala, onjengalowo, futhi!

<sup>193</sup> “O,” wathi, “Am- . . . ake ngiwubuke, Amramu, ake ngibone.” Uza ngalapha.

<sup>194</sup> Wathi, “Buka lapha, unesivalo esincane ngaphezu kwawo. Niyabo?” Uphakamisa isivalo esincane.

Wathi, “Whewu! Uyanuka! E! Whewu! He!”

Wathi, “Yebo, uyanuka.”

“Ngani na?”

<sup>195</sup> “Ngiwuthele ngawugcwalisa ngetiyela. Uhuqwe ngekolitayi wonke, yonk’indawo.” Ikolitayi yitiyela, niyazi, ngakho bawuhuqa ngekolitayi wonke. Yilokho ayekubilisa phansi lapha,



wase ekuthela ngaphezu kwemihlanga. Wawuhuqa ngekolitayi. Wathi, “Niyabo, amanzi angeke angene kuwo-ke. Niyabo, unamatheliswe yonk’indawo.” Wayesethi, “Futhi angeke akwazi ukungena kuwo nje, amanzi angeke. Ngiwuhuqe ngekolitayi.”

Wathi, “Whewu! Kunuka kabi!”

<sup>196</sup> Nina bantwana niyazi ukuthi itiyela yini, uma belungisa isitaladi, “O, lokho kunuka okubi!” Kodwa ku—ku—ku—kugcina u. . . Ku—kuvalela ngaphandle zonke izimfa esitaladini. Futhi yileyondlela lokho okukwenzayo, livalela ngaphandle onke amanzi.

<sup>197</sup> Futhi yilokho umkhuleko okwenzayo ekholweni. Yilokho okuvimba izwe nsuku zonke kuwe, kungesikhathi uziphosa wena uqobo ngamadolo akho, bese uthi, “Nkosi Jesu!” Bese iGazi liyehla, futhi Likunamathelise wonke ukuze udeveli angakwazi ukukuthola. Niyabo? Kunjalo. Niyabo? Ngakho-ke, o, izikhathi eziningi abantu bahamba yonk’indawo bethi, “Kubi kakhulu,” kodwa, lokho akwenzi nomncane umehluko, kukugcina uphephile. Yilokho okumqoka, zigcine uphephile. Uthi, “Usemuva ngefashini,” kodwa, lokho akunandaba, kukugcina uphephile.

“Awu,” wathi, “sizokwenzenjani na?”

<sup>198</sup> “Kulungile,” wathi, “Ngizokutshela ukuthi sizokwenzenjani. Sizothatha ingane, futhi sizoba nokwehlukana okuncane. Futhi sizothatha ingane bese siyifaka phakathi lapha, bese siyibeka phandle eMfuleni iNile.”

<sup>199</sup> “O! Qhabo! Qhabo! Qhabo! Amramu, ungeke ubeke ingane yethu phandle emfuleni.”

<sup>200</sup> “Yebo! Yebo! Ngiyazi ukuthi ngenzani.” Niyabo, wayebe nephupho, wayazi ukuthi umele enzeni. Niyabo, uNkulunkulu wayemyalile. Wayazi ukuthi umele enzeni. Wakha lokhu, futhi wabona ukuthi kwakuyilona impela uhlobo lomkhumbi olwasindisa uNowa emuva le esikhathini sakhe.

<sup>201</sup> Ngakho wathi, “Buka lapha, nginembobo encane esikiwe phezu kwawo, ukuze iphefumule. Niyabo, ukuze ithole ukukhanya kwelanga kwedlule lapho.”

<sup>202</sup> Futhi niyazi, umkhumbi eBhayibhelini eliDala, emuva le, wawenziwe ngendlela efanayo. Futhi wawunembobo lapha ngaphezu kwawo ngqo, ukuze ukwazi ukubona ngaphakathi, niyabo, futhi lapho wayefanele ukubuka khona phezulu.

<sup>203</sup> Ngakho-ke lengane encane bandla, engenagama, yayingenagama ngisho; encane, ingane engenagama, futhi nokho iyingane encane enhle kunazozonke ezweni.

<sup>204</sup> Ngobusuku obulandelayo, lapho bengena, futhi balinda kwaze kwashaya ihora lesithathu ekuseni, base-ke be. . . Uyahamba uya ngale. Futhi waqeda ukukhuleka. Uya ngale, wayesethi, “Manje woza, Jokebedi, vuka!”

205 Futhi ngakho bavusa uAroni omncane noMiryamu omncane. O, uyeza ngalapha wase emgaxa, wathi, “Baba!” UMiryamu omncane, wathi, “Ungeke uthathe umfowethu omncane, ingane, ngabe uzoyithatha, futhi uyifake phakathi eNile lapho zonke lezozingwenya ezindala zikhona na?”

206 Futhi wafuqela izinwele zakhe ezincane emuva *kanjalo*. Futhi yena... Futhi wayenamehlo amahle, nezinwele ezinhle ezincane. Futhi ngakho wamanga esihlathini. Wathi, “S’thandwa, kungizwisa ubuhlungu, nami. Kungizwisa ubuhlungu, nami, kodwa kumele sikwenze lokhu.”

207 Niyabo, amantombazane amancane nabafana, ngezinye izikhathi sifanele senze izinto ezithi ukusizwisa ubuhlungu, kodwa sifanele sikwenze, nakanjani. Uma amantombazane ethi, “Heyi, sewake wawubhema usikilidi na?”

Uzothi, “Qhabo.”

208 “Awu, zama owodwa! O, ngingubhuti wakho, uyazi. Ya, uzame.”

209 Kodwa wena, kungahle kuzwise ubuhlungu kancanyana, kodwa thani, “Hhe-e. Angiwufuni.” Niyabo? Niyabo? “Angiwufuni.”

Athi, “Uzoza, siye embukisweni kanye nami kulentambama na?”

210 “Qhabo, qhabo. Hhe-e. Angiyihambi imibukiso.” Niyabo? Kungahle kuzwise ubuhlungu kancanyana nje. Niyabo?

211 “O, ungomdala wefashini endala.” Ungakukholwa lokho. Kungahle kuzwise ubuhlungu kancane nje. Fulathelisa ikhanda lakho kukho; yinto ekahle ofanele uyenze, niyabo. Njalo yenza lokho, yenza into ekahle. Kulungile.

212 Futhi manje uma amantombazane efundela lento endala yokudansa ngozwane *kanjalo*, futhi befuna ukwenze; batshele ukuthi, “Qhabo, qhabo.” Ungakwenzi, niyabo.

213 “O, awu, ukuzijabulisa okuningi.” Ungabi nandaba ukuthi ukuzijabulisa okungakanani. Wena ufuna ukwenza okulungile, ngakho hlala wenza okulungile njalo. Manje, khumbula lokho nje manje. Ngeke nikukhohlwe, nizokukhohlwa na?

214 Manje, manje benzani na? Bathatha ingane encane-ke, bafika lapho phezulu. NoAroni omncane uyenyuca, wathi, “Babayi, uzokwenzani ngengane yakho na?”

215 Wathi, “Aroni, gona lapha ethangeni lami, s’thandwa.” Wathi, “Buka, Aroni. Uma siyigcina ingane, sizokwenza njani na?” [Ibandla lithi, “Lahlekelwa yiyo.”—Umhl.] “Lahlekelwa yiyo. Kodwa uma sibuyisela ingane emuva ezandleni zaKhe lowo osinikeze yona, sizokwenzanjani na?” [“Sizoyigcina.”] “Sizoyigcina.” Kunjalo.

“Kodwa uzokwenza kanjani, babayi na?”

216 “Angazi. Angazi ukuthi kuzokwenzeka kanjani, kodwa uNkulunkulu uzokwenza.” Niyabo?

217 Futhi ngakho-ke bafaka ingane encane phakathi lapho, futhi ngakho uyahamba. Futhi nabo behamba manje, baya emnyango. Behlela emnyango, uqalaza ngalapha endleleni ezansi esitaladi, *ngaleyondlela* ezansi esitaladini. Akukho ndawo, akukho muntu ozayo. Wathi, “Woza, Jokebedi. Woza, Aroni. Woza, woza, Miriyamu. Asambeni.”

218 Bathatha umkhumbi omncane base behlela emaflegini emfuleni. O, yisikhathi eside ngaphambi kwemini. Futhi nakhu kuza uAroni omncane, emuva laphaya ebambe uMiryamu omncane, umfowabo omncane nodade, babekhala. NoJokebedi omncane bandla, uhambisana nabo, uthi... [UMfowethu Branham ulingisela uJokebedi ekhala—Umhl.] “Sh-sh-sh-sh-sh! Baqaphele isitaladi. Qaphelani. Sh! Qaphelani.” Beqhubeka behla ngesitaladi. “Sh-sh-sh! Qaphelani.” Bephethe ingane encane. Nomama wayephethe ingane, no—nobaba uphethe umkhumbi.

219 Bafika ezansi emfuleni. O, ngumfula omkhulu obanzi, owesibili ngobukhulu emhlabeni, cishe. Futhi ngakho, ke, umfula omkhulu obanzi, futhi osheshisayo, futhi ogcwele nje izingwenya ezinkulu nezingwenya ama-aligeyitha. O, zazikhuluphele. Whewu! Babezondle ngabo bonke labo bantwana abancane. Zazikhuluphele nje. Futhi—futhi uthi, uJokebedi uthi kuAmramu, umyeni wakhe, uthi, “O, uma ke lama-aligeyitha eyithola-ke? Uma ke izingwenya lapha ziyithinta na?”

220 Wathi, “Ungakhathazeki. Uma zike zafaka ikhala lazo kulelotiyela, zizobaleka ziyothi ngqu kude, niyabo. Yingalesosizathu kunuka, niyabo. Izofaka ikhala phezulu,” wathi, “ingeke ihoshe iphunga lenyama yomuntu, ngakho izosuka ihambe. Lelotiyela lizonuka kabi zize zibaleke. Kuzolunga. Ungakhathazeki.” Ngakho ba... Futhi lapho wawubeka phansi, umkhumbi omncane. Wayesethi... “Manje ncelisa ingane.”

221 Ngakho umama uthatha ingane uyayincelisa, futhi wancelisa ingane yaze yathola isidlo sayo sasekuseni, ekuseni kusesekuseni. Wase-ke eya [UMfowethu Branham wenza umsindo wokwanga kathathu—Umhl.] uyayanga. Wayesethi, “Manje, Aroni, ungayanga.” NoAroni uyayanga. Wase-ke eyedlulisela kuMiryamu, futhi uyayanga. Nomama uyayanga, futhi, “O,” wathi, “Nje ngi...”

222 “Manje, sh-sh-sh! Manje lalelani, sifanele sibe ngamasosha. Niyabo? Sifanele sibe ngamasosha. Manje nonke nifuna ukuyanga futhi na?” Bonke bayayanga, ngokuzungeza, futhi. Base-ke beyifaka phakathi lapho.

223 Nomama wenza ingubo encane, wayifaka kuyo, nomqamelo omncane. Wayifaka lapho. Wathi, “Ngane yami encane ethandekayo, uNkulunkulu akubusise.”

“Sh-sh-sh! Manje, uNkulunkulu uzokunakekela lokho. Ungakhathazeki wena.”

224 Wavala isivalo esincane phansi. Nento yokuqala niyazi, ubaba uqala ukukhumula ijazi lakhe, ukhumula iyembe lakhe. Nango ehamba, egxambuza engena emanzini.

225 Ucabanga ukuthi kwenzekani eZulwini, ngalesisikhathi na? Haleluya! Niyazi, uma izinto ziqhubeka lapha phansi, kukhona okwenzekayo phezulu Laphaya, futhi. Amen! Sengiyambona uNkulunkulu esukuma eSihlalweni saKhe sobukhosi, ehamba eza ngalapha, ethi, “Gabriyeli! Gabriyeli! Ukuphi na?”

UGabriyeli uthi, “Ngilapha, Nkosi.”

226 “Woza lapha! Ngizokukhombisa into ethize!” Wathi, “Nonke nina Zingelosi wozani ngapha, umzuzu, Ngifuna ukunikhombisa okuthize. Nginabantu abaNgikholwayo. Yebo, Nginabantu abaNgethembayo. Wozani lapha, umzuzu! Kunifanele nonke nina Zingelosi, bukani lokhu. Bukani!”

“Kukuphi na?”

“Khona enzansi laphaya. Bukani ngaphandle.”

“Ya, ya. Ya, ngiyakubona.”

227 “Bukani ezansi lapho ngqo. Niyalubona unqenqema lwe—lwe—lwe bhuma laphaya, lawomafulege nezinto na?”

“Ya.”

“Niyabo laphaya!”

“Kuyini na?”

228 “Kunendoda ephakamisele izandla zayo emoyeni, eguqile, iNgibiza. Kunomama okhalayo, nabantwana ababili abakhalayo. BayaNgethemba kuze kube sekugcineni. Gabriyeli, uyakhumbula ngesikhathi ungenile na? Uyayikhumbula leyandoda na?”

229 “Yebo, ngahlangana nayo ekamelweni ngalobuya busuku futhi ngakhuluma nayo. Ehhe.”

230 “UsaNgethemba. Nginabantu abaNgikholwayo! Nginabantu abazoNgethemba kuze kube sekugcineni!” [UMfowethu Branham ungqogqotha epulpiti kasithupha—Umhl.] “Uyambona na? Mbukeye.”

“Yebo, o, ngabe lokho akusibo ubuqhawe!”

231 Ubaba uhamba emanzini, uqala ukufuqa umkhumbi omncane.

SengiyaMuzwa ethi, “Gabriyeli!”

“Yebo, Nkosi?”

<sup>232</sup> “Bizela iziNgelosi ezizinkulungwane ezilishumi enkundleni. Zinike imiyalo yokumasha masinyane. Bizela ngaphandle ibandla laseZulwini. Zithumele zonke ziye phansi naphezulu, zihambe ngasezibambelelweni zokuzivikela zaseZulwini, futhi uzibeke zonke phansi-naphezulu eNile. Ngiyala ukuthi akukho ngwenya ezothinta lowomthwalo! Akukho okuzowuthinta! Ungavumeli ngisho isigojwana sisondele kuwo.” Haleluya!

<sup>233</sup> UGabriyeli wathi, “Kuzokwenziwa.” He! Wakhalisa icilongo! IziNgelosi eziyizinkulungwane ezilishumi zeza ngamandla!

“Mshayeli webhanoyi uqobo. Uzoba kuphi Wena, Nkosi na?”

<sup>234</sup> “Ngizoba ngakwesinye isiphetho.” Uhlala njalo engasohlangothini olwemukelayo. “Ngizolinda ezansi ngakwesinye isiphetho. Nginenjongo. Uma abantu bezoNgethemba, Nginokuthize, injongo; kuzobahambela kahle.” Kulungile, Uyahamba wehlela ngakwesinye isiphetho.

<sup>235</sup> Ngiyambona uMose. . . noma uAroni omncane kanye nabo, babuyela emuva benyuka ngesitaladi, bekhala izinyambezi. “Sh-sh-sh-sh! Kuqapheleni.”

<sup>236</sup> NoMiryamu omncane, usalokhu emile, ebhekisisa. Wathi, “O! O!”

<sup>237</sup> Wathi, “Woza, Miriyamu, sekuyasa. Woza, amaqhude akhalela ukusa. Woza, sekuyasa. Woza, s’thandwa, asambeni!”

<sup>238</sup> Wathi, “O, babayi, babayi! Ngiyacela, esinye isikhathi. Ngivumele nje ngime, ngivumele nje ngiyibheke futhi ake ngibone ukuthi kwenzekani. Ngizobuya ekhaya emva kwesikhashana.”

<sup>239</sup> “O,” [UMfowethu Branham unqaphaza umunwe—Umhl.] “Lowo ngumbono omuhle, Miriyamu. Kungahle kube kulungile. Mana nje ubuke ukuthi kwenzekani.”

“Kulungile, ngi—ngizoyibheka.”

<sup>240</sup> “Manje, sheshani niye ekhaya emva kwesikhashana. Ake nibone nje ukuthi kwenzekani. Bese uyeza, usilethele izindaba, ukuthi kuqhubekani.”

“Kulungile, babayi.” Futhi basuka bahamba, kwadingeka basheshe.

<sup>241</sup> UMiryamu omncane, uyama uyabhekisisa. Into yokuqala niyazi, kuqala ukukhanya. “O, o, o, yini lena eqhamuka phezulu laphaya na? U—ugodo. Qhabo. Ngabe yingwenya i-aligeyitha na? O, waphenduka.”

<sup>242</sup> Ha-ha! Uboneni na? Ubona lokho abantu abaningi abangakuboni. Niyabo? Lowomthwalo omncane wawuhamba, untanta wedlula lapho. Babecabanga ukuthi wawungenamshayeli; babecabanga ukuthi wawungenakapteni. Wawunaye. Babebuthene ndawonye lapho.

243 Nakhu kuza ingwenya encane, uthi, “O, buka laphaya!” Nango eza, entanta *kanjalo*. Uyahamba...O, qhabo. Qhabo, qhabo. Ingeke ize eduze nalowomthwalo.

Phakathi lapho kwakume okhululanayo, umkhululi, amaJuda ayizigidi ezintathu ayedinga ukukhululwa. [UMfowethu Branham ungqogqotha epulpiti kahlanu—Umhl.] Bonke odeveli esihogweni babengeke bakwazi ukumthinta. Untanta wehla, lomkhunjana omdala owenziwe ngetiyela, uyoshona ezansi nomfula.

244 Into yokuqala niyazi, ufika lapho emsingeni. “O!” UMiriyamu wathi, “O, qhabo! O, buka lapho! Loyomsinga, ubukeni! Ubukeni kanjalo!” Into yokuqala niyazi, khona manjalo aphuma nje.

245 Yileyondlela okuhamba ngayo. Singena emsingeni, ngesinye sikhathi, leligxolo elincane. Ungakhathazeki. Kukhona Othize okubhekile. “IziNgelosi zikaNkulunkulu zibiyele ngakulabo abaMesabayo.” Inezinkulungwane ezilishumi zazo ohlweni olumashayo.

246 UMiriyamu omncane, uyehla, ukhwela edwaleni elikhulu, futhi uphulukundlela kulo *kanjena*. Futhi uyagijima uyehla, ubhekisisa umkhumbi. Futhi uyaqhubeka uyehla wedlula *lapha*, futhi udabula kulesisixuku samafulegi. Emva kwesikhashana uyabambeka phandle lapho. Uthi, “O! O, ngiyamangala!”

247 (Manje, ubaba wakhe umtshelile, wathi, “Manje ungavumeli muntu akubone ubhekisisa lokho. Uma umuntu othize enyuka, yenza nje sengathi awukubuki ngisho nokukubuka, qhubeka nje ngenye indlela. Unge—ungenzi sengathi uyabuka nhlobo, qhubeka nje uhambe.” “Kulungile,” washo njalo.)

248 Uyaqhubeka ehla ngosebe. Uyabambeka. Into yokuqala niyazi, kukhona isigejane esikhulu sabadobi. Futhi wenza nje sengathi uyintombazane encane nje ehamba yehla. Lapha nje, ngehora leshumi emini manje, niyazi, ngakho waqhubeka nje wahamba waqhubeka wehla ngomfula. Futhi wayelokhu ebeke iso lakhe emuva, emaceleni, ebuka ukuthi uyaphi.

249 Emva kwesikhashana wedlula elinye iqembu. Uqhubeka nokubhekisisa nje; uqhubekela phambidlana. Uqhubeka nokuhamba, uyahamba uqhubekela phambidlana.

250 Emva kwesikhashana ufika odongeni olukhulu olubanzi. “O, he, kungena ngaphakathi ngemuva kwaloludonga!” Angenzani na? Akazi ukuthi kumele enzeni. Ngakho akakwazi ukweqa udonga, ngakho ugxambuza nje emanzini wase enyathela kulo *kanjena*, wase egaqazela ngaphezu kwalo. UFika khona ngale, futhi uyaqhubeka uyahamba.

251 Into yokuqala niyazi, usengadini enhle. Izimbali ziyaqhakaza yonk’indawo, futhi kuhle kakhulu. Manje lalalani umzuzu nje. Manje bhekisisani, mantombazane

amancane. Izimbali ezinhle, futhi, o, izihlahla zonke zitheniwe. Kwakubukeka kahle kakhulu! Yindawo yokuphumula. “O,” wathi, “buka laphaya, kulokho! O, he! Ngisendaweni yokuphumula yasesigodlweni, isigodlo sikaFaro, endaweni yokuphumula. Yini engizoyenza lapha na? Uma bengase bangibambe lapha, o, he, bazongenzani na?”

<sup>252</sup> Futhi uyabhekisisa. Nakho kuhamba umkhumbi omncane, wase uthi ukuma laphaya phakathi emanzini, futhi uqala ukuntanta uzungeza, ngaphandle phakathi emanzini. Ngiyamangala ukuthi kungani. Futhi uzwa umuntu othize ekhuluma. Uthi shelele ungena ngaphansi kwezihlahla. Wahhala, futhi wabuka ngaphandle *kanjalo*, niyazi, uMiryamu omncane uqala ukubuka phandle, niyakubona.

<sup>253</sup> Into yokuqala niyazi, nakhu kuza amadoda amakhulu kakhulu aqinile ethwele ithende phezulu *kanjena*. Nezisebenzi zesifazane zilandela, futhi ziyahlabela. Futhi nakhu kuza owesifazane, futhi ufake ibhande elikhulu legolide ekhanda lakhe, nenyoka enkulu nomlomo wayo okhamisile (*kanjalo*) ngaphambi kwayo. Futhi ungowesifazane obukeka kahle, futhi wehlela ezansi. Uqgoke izingubo ezinhle ezinde ngempela, nezinto. Futhi ngizwa omunye wezisebenzi zesifazane ethi, “Wena wasebukhosini, ucabanga ukuthi amanzi azofudumala kulokhu kusa na?”

<sup>254</sup> UMiryamu wathi, “Ebukhosini? O, lokho kufanele kube ngabasebukhosini, ngakho kumele ngibesendaweni yokuphumula. Futhi uma bengibamba phakathi lapha, bazongenzani na?”

<sup>255</sup> Kulungile, uyaqhubeka uyehla. Nalamadoda amakhulu amnyama ethwele ugado *kanjena*, uhamba ehla onqenqemeni lwamanzi *kanjalo*, futhi ukhumula izicathulo zakhe. Futhi isisebenzi sowesifazane esisodwa sasiphethe amathawula, futhi ezinye zazinensipho. Futhi wayehlela ukuyogeza kwakhe kwasekuseni. Ngakho wehlela lapho futhi uqala uku—ukulungiselela ukuqoqosa kwakhe. Ukhumula izicathulo zakhe. Wathi, “Ngizofaka izinzwane zami emanzini futhi ngibone ukuthi afudumele yini manje. O, kumnandi nje, nje... Yini lokho phandle laphayana na?”

<sup>256</sup> “O!” UMiryamu, uMiryamu omncane wathi, “O! A-o, usewuhlolile loyamkhumbi.”

“O,” wathi, “ngabe leyo yingwenya na?”

<sup>257</sup> Omunye walawomadoda amakhulu aqinile wathi, “Umzuzu nje, ngizothola.” Gxambu, gxambu, gxambu, uyahamba ungena emanzini. Uwuphakamisa *kanjena*, wase eyahamba engena. Wathi, “Wena wasebukhosini!” Unikeza isisebenzi sowesifazane. Nesisebenzi sowesifazane siwuthatha siyawedlulisela kuye *kanjalo*, futhi wawubeka phansi.

258 Wathi, “Kuyini na? Whewu, kuyanuka! Kunetiyela yonk’indawo. Bukani lapha, kunembobo ngaphezulu kwakho.”

259 NoMiryamu wathi, “O! O, nango ehamba umfowethu omncane! Nango ehamba umfowethu omncane!”

260 Futhi ngakho base bawuvula *kanjena*. “O, kwakuyingane!” Futhi kwaqala. . . Ingane enhle kunazononke emhlabeni! Futhi, o, uNkulunkulu Owayengabangela inzondo, wayengalubangela uthando; futhi lonke uthando Ayengalufaka enhliziyweni yomuntu, umama kumntwana, Walufaka kuleyonhliziyo yentombazane. Futhi ya—yathi, “Ngenye yamaHeb- . . . Ngiyazi ukuthi yini. Yilowobaba wami ogulayo! Unonya kabi! Wamemezela ukuthi bonke labobantwana bamaHeberu ukuba babulawe. Futhi omunye womama uvele waphosa ingane ngaphandle, elindele ukuthi iwele noma ukuphi lapho ingawela khona. O, mubi kabi! Awu, ngeke ayibulale lena, ngoba lena ngeyami.” Ehhe, niyabo ukuthi uNkulunkulu wenza kanjani na?

261 Wayiphakamisa, futhi [UMfowethu Branham wenza umsindo wokwanga—Umhl.] uyamanga. Nengane yakhala. Futhi ngenkathi ikhala, yafudumalisa inhliziyo yakhe. Wathi, “Into encane bandla.” Wathi, “Ngizoyithatha futhi ngizoyibiza. . . Ngizoyetha igama.” Futhi yilapho athola khona igama lakhe.

262 Kwakungubani igama lakhe na? [Ibandla lithi, “Mose.”—Umhl.] UMose. Nokuthi *Mose* kuchaza ukuthi “okhishwe emanzini.” Niyabo?

263 Wathi, “Manje ngizombiza ngoMose, futhi uzoba yingane yami uqobo. Ngizoyigcina.” Kodwa manje wathi, “Kodwa ngiyisisebenzi sowesifazane, ngingeke ngiyincelise. A—a—anginandlela yokuyincelisa.” Babengenawo lamabhodlela nezinto ngalesosikhathi. Abesifazane babengabhemi osikilidi futhi njengoba benza manje, niyabo, futhi bazifaka ushevu qobo lwabo. Ngakho wathi, “Awu, uma nazi i. . .” Wathi, “Ngizokwenze njani—njani na?” Ngakho wathi, “Ngi. . .”

264 Omunye wabo wathi, “Ngizokutshela, wena wasebukhosini, ngizokufunela owesifazane oncelisela omunye ngenzele ingane yakho.”

“O,” wathi, “lokho kuhle kakhulu.” Okuncane. . .

265 Okuthize kwakhuluma, iNgelosi imi lapho ehlathini, yathi, “Miryamu, nalo ithuba lakho! Nalo ithuba lakho!” [UMfowethu Branham ungqogqotha epulpiti kasishiyagalombili—Umhl.] UMiryamu omncane waphuma wagijima. Yathi, “Ungasho lutho manje, ungakuqhubekisi. Phuma futhi uthi uzo ‘mthola unesi,’ bese uyahamba uyolanda umama wakho.”

Kulungile, ngakho washo lokho. Wathi, “Wena wasebukhosini!”

266 Manje, ngokweywayelekile, ngabe wathi, “Wenzani phakathi lapha na?” Kodwa, niyabo, uNkulunkulu wayekumboza konke.



Ngani na? Wayenezingelosi eziyizinkulungwane ezilishumi emashini. Niyabo? Uhlelo lwaKhe luzosebenza. Wayenezingelosi eziyizinkulungwane ezilishumi zimi lapho.

<sup>267</sup> Ngakho into yokuqala niyazi, wathi okwakho...wathi, “Yebo, s’thandwa esincane, wenzani lapha na?”

<sup>268</sup> Wathi, “Ngikubone nje unengane.” Wathi, “Ngiyazi ukuthi ukuphi umama okahle ozokunakekelela ingane yakho.”

<sup>269</sup> Wathi, “Hamba, umlande, futhi umtshele ukuthi ngizomnikeza amadola angamakhulu amathathu ngeviki ukunakekela lengane, futhi ngizomnikeza amakamelo agcwele zonke izinto ngale ngaphakathi esigodlweni. Futhi uma wazi ukuthi ukuphi owesifazane ongumHeberu, owesifazane oncelisela omunye, ongancelisa lengane, lena yingane yami.”

Wathi, “Yebo, wasebukhosini, ngizokutholela oyedwa.”

<sup>270</sup> Wathi, “Manje, yima kancane! Ngaphambi kokuba ungene esigodlweni, ufanele ube negama elikuvumela ungene. Niyabo, awulazi igama elikuvumela ukuba ungene. Usuku ngalunye sinegama elisivumela singene. Manje, igama elisivumela singene namuhla, niyazi ukuthi beliyini na? ‘Imfologo yotshani nomthwalo webhele lotshani obomile.’” Wathi, “Yilokho okumele ukusho ukuze ukwazi ukwedlula esangweni.”

<sup>271</sup> Ngakho uMiryamu omncane wasuka wehlela ekhaya ngokuziqhenya, ehamba ngawo onke amandla, futhi wagxuma weqa udonga, ezansi esitaladini, futhi ehla ngalendlela, futhi ehla ngalendlela, futhi ehamba ngawo onke amandla. Wagijimela endlini.

<sup>272</sup> Futhi—futhi uAmramu wayesanda nje kufika ekhaya, noJokebedi. Futhi, o, babelusizi, bezibuza ukuthi kuqhubekani. Wathi, “Ingane yami bandla! Ingane yami bandla!” Yena . . .

<sup>273</sup> Wathi, “Manje lalela nje.” Wathi, “Ngisanda kwedlula nje esikhashaneni esedule ezansi lapho esitaladini, futhi lowo mama bandla ugciné wonke umuntu ephapheme usuku lonke. Bedlula khona lapha kulabomakhelwane kulokhu kusa, futhi basakaze lonke ikhanda lengane ebikhona komakhelwane.” Wayesethi, “Bebekhala kanjani futhi bememeza! Manje, angazi, ingane yakho, noma ngabe ikuphi. Lapho ingane yethu ikhona, uNkulunkulu uzoyinakekela.”

<sup>274</sup> Ngayo leyonkathi nje into ethize yahamba. . . [UMfowethu Branham ungqogqotha epulpiti kane—Umhl.] “O! O! Nabo lapho bekhona, emnyango manje.” Ngakho, bahamba futhi babuka. Qhabo, kwakungesikho. KwakunguMiryamu.

<sup>275</sup> Wathi, “O! O, Miriyamu! Ngena, s’thandwa! Kwenzekeni enganeni na?”

Wathi, “Mama, ngilambe kakhulu.”

Wathi, “Kodwa kwenzekeni enganeni na?”

276 Wathi, “Sekuthi angife yindlala, mama.” Wathi, “O, mayibongwe iNkosi! Haleluya! Sekuthi angife yindlala, mama.”

Wathi, “Kodwa kwenzekeni enganeni na?”

277 Wathi, “Mama, ngilambe kakhulu ngingaze ngidle yonk’into endlini.”

278 Wathi, “Sizokutholela ongakudla, kodwa kwenzekeni enganeni na?” [UMfowethu Branham unggogqotha epulpiti kathathu—Umhl.]

279 Wathi, “O, ingane ikahle, mama. Nginikeze okudliwayo. O, ngijabule kakhulu!”

“Kodwa kwenzekeni kuyo na?”

280 “Awu, nginike okudliwayo, sengizobulawa yindlala nje.” Ungake ukucabange nje lokho na?

281 Wathi, “Miryamu! Lona ngumama wakho nobaba. Iphi ingane na?” [UMfowethu Branham wangqogqotha epulpiti kathathu—Umhl.]

282 Wathi, “Mama, ngikutshelile. Ingane, ngiyibonile, futhi ikahle. Manje, mama, ngitholele engingakudla; ngiyafa yindlala. Niyazi, sengi—ngiyafa yindlala.” Njengoba ubanjalo uma ufika ekhaya uvela esikoleni, niyazi; o, ufanele nje uthole okuthize.

Ngakho, wahamba wamtholela isendiwishi. Wathi, “Manje ngitshela.”

283 Futhi yena ethi, “Yam, yam, yam,” edla, niyazi, kanjalo. Wathi, “Mama?”

Wathi, “Yebo, kwenzekeni enganeni na?”

284 “Ngani,” wathi, “mama...” Wamxoxela indaba. Futhi wathi, “Mama, hamba uthole izimpahla zakho ezikanokusho, futhi upakishe isutikesi lakho, ngoba uzonakekela ingane.” O! O! O!

“Ini na?”

285 Uma ulahlekelwa yikho, uzokuthola futhi. Ngabe kunjalo na? Uma ukugcina, uzolahlekelwa yikho. Uma ukunikeza, ulahlekelwa yikho, uzokuthola. Ngabe kunjalo na?

286 NoMiryamu omncane e—edla nje eqeda. Wathi, “Yebo.” Wathi, “Uya esigodlweni namuhla. Futhi hhayi lokho kuphela, kodwa uzo, nikwa, uzonikwa amadola angamakhulu amathathu ngeviki, kanye namakamelo amahle kunawo onke ezweni, ukunakekela ingane yakho uqobo.”

287 Okokuqala emlandweni womhlaba jikelele lapho umama ake akhokhelwa khona ngokuncelisa umntanakhe uqobo. Niyabo ukuthi uNkulunkulu ukwenza kanjani na? [UMfowethu Branham ushaya izandla zakhe kathathu—Umhl.] Haleluya! Ancelise ingane yakhe uqobo, futhi wathola amadola angamakhulu amathathu ngeviki ngakho, namakamelo amahle

edlula onke ezweni. UNkulunkulu wenza izinto, Akazenzi na? Ngabe kuyakhokha yini ukukhuleka na? [Ibandla lithi, “Yebo.”] Kuhle ukukhuleka na? [“Amen.”]

<sup>288</sup> Ngakho, walungisa isutikesi lakhe elincane. Sizosheshisa manje, sizovala nje emzuzwini. Ngakho si . . . Walungisa isutikesi lakhe, futhi washo wehla ngomgwaqo wahamba, ngawo onke amandla akhe nje. Nento yokuqala niyazi, uyafika; unogada omkhulu omdala emi lapho nomkhonto wakhe omkhulukazi, wathi, “Ngubani ohamba lapho na?”

Wathi, “Imfologo yotshani nomthwalo webhele lotshani obomile.”

“Yedlula.” Niyabo ukuthi uNkulunkulu uzenza kanjani izinto na?

<sup>289</sup> Waya kunogada olandelayo. Lapho wahosha inkemba yakhe, wathi, “Ungubani na? Ngubani ohamba lapho na?”

Wathi, “Imfologo yotshani nomthwalo webhele lotshani obomile.”

Wathi, “Yedlulani.” He! Niyabo ukuthi uNkulunkulu uzenza kanjani izinto na?

<sup>290</sup> Yenyuka, hamba ubuke esigodlweni; uyaqala uyenyuka, futhi bonke abasebukhosini bayaphuma, bahosha izinkemba zabo. “Ngubani loya lapho?”

Wathi, “Imfologo yotshani nomthwalo webhele lotshani obomile.”

“Yedlulani ningene.”

<sup>291</sup> Into yokuqala niyazi, indoda iyaphuma, yathi, “Ngabe uyinenekazi elincane owasebukhosini alilindele na?”

“Yebo.”

<sup>292</sup> “Futhi ngabe lona ngowesifazane oncelisela omunye wengane etholakale kulokhu kusa na?”

“Yebo.”

<sup>293</sup> Wathi, “Awu, mngenise.” Ngakho ungenisa ingane . . . noma uletha umama ngaphakathi.

<sup>294</sup> Futhi—futhi i—inkosazana encane yaphuma, yase ithi, “Ngabe kukhona okwaziyo mayelana nengane na?”

Wathi, “Yebo, wena wasebukhosini.”

Wathi, “Bheka lengane. Ayiyinhle na?”

“Yebo, wena wasebukhosini. Yebo.”

Wathi, “Ungakwazi ukuthi inceliswa kanjani ingane na?”

“Yebo, wena wasebukhosini. Impela.”

<sup>295</sup> “Awu,” wathi, “Ngizokunikeza imiholo yakho yamadola angamakhulu amathathu ngeviki.” Mm! Wayengemuhle uNkulunkulu na? Futhi wathi, “Futhi unamakamelo amahle

kunawo wonke esigodlweni, nokudla kwakho kuzothunyelwa kuwe. Ungeke udinge ngisho ukuthi uphume uyoziphekela okwakho ukudla.” Wathi, “Manje, nansi ingane, qaphela. Ungayiwisi.”

“O, ungakhathazeki, ngingeke. Ungakhathazeki, ngingeke ngiyiwise.”

“Uyinakekele ngezinga eliphakeme.”

<sup>296</sup> “Ungakhathazeki, ngizokwenza njalo. Izothola ukunakekelwa okusezingeni eliphakeme kakhulu.” Impela, kwakungeyakhe uqobo, niyabo. “Ngizoyinika ukunakekelwa okusezingeni eliphakeme kakhulu.”

“Uyabona ukuthi ingane enhle na?”

“Inhle kakhulu,” washo.

“Kulungile.”

<sup>297</sup> Nakho kuvaleka umnyango, kuMirihamu, nomama, noMose omncane. Futhi ngesikhathi umnyango usuvaliwe, waqalaza yonk’indawo. Wathi, “Thk-thk-thk! Futhi wayecabanga ukuthi uyingane *yakhe*. Ha-ha-ha-ha-ha!” O, he! Wayimbambatha.

<sup>298</sup> Wenzeni na? U... Ukube wayeyigcinile, wayeyobe enzeni na? [Ibandla lithi, “Walahlekelwa yiyo.”—Umhl.] Ngoba, wayibuyisela emuva kuLowo Owamnikeza yona, futhi wa (ini na?) wayithola, futhi angayigcina. Manje kwenzekani uma silahlekelwa... Uma sigcina umphefumulo wethu, kwenzekani na? [“Sizolahlekelwa yiwo.”] Futhi uma siwubuyisela kuLowo Owasinikeza wona, kuzokwenzekani na? [“Sizowugcina.”] Sizowugcina. Ngabe kunjalo na?

<sup>299</sup> Bangaki kini abangathanda ukwenyuka bazungeze ialtare futhi bakhuleke na? Ningathanda ukukwenza na? Ningathanda ukuba uJesu akunakekele njengoba Enza ngabo, ingane encane na? Kanjani... Ake sonke, bantwana abancane, sibuthane ealtare lapha manje. Ningakwenza na? Wozani khona ngalapha, niguqe nizungeze ialtare. Asikhulekeni, nonke. Bonke abantwana abancane manje yenyukelani lapha. Niyithandle indaba yami ngalokhu na? [Ibandla lithi, “Yebo.”—Umhl.] Nikuthandle lokho na? Kulungile, manje wozani nenyuke ngqo ngase-altare. Manje wozani. Nonke nina bantwana abancane wozani, guqani ngqo ngase altare, guqa nje phansi khona lapho—khona lapho nje phansi ealtare. Yilokho nje. Nonke nina abancane emuva, wozani lapha manje, sizokhuleka. Kulungile. Niyafuna ukuza futhi nikhuleke. Yenyukani futhi niguqe ngase-altare. Kulungile. Manje, lokho kuhle. Lokho nje kulungile.

<sup>300</sup> Manje, omama, nifuna ukuza, nani, nobaba, nonke nifuna ukuguqa phakathi nezihlalo na?

<sup>301</sup> Manje ngifuna ukunibuza into ethize nina bantwana abancane lapha. Bukani. Niyakholwa ukuthi uJesu uyakuthanda njengoba Enza kuMose na? Niyakholwa ukuthi iziNgelosi

zinibuka kanjena na? Manje, uNkulunkulu wakunika umphefumulo, Akazange akunike na? Manje, uma ugcina umphefumulo wakho, kuzokwenzekani kuwo na? [Abantwana bathi, “Uzolahlekelwa yiwo.”—Umhl.] Uzolahlekelwa yiwo. Kodwa uma uwubuyisela kuJesu kulokhu kusa, khona-ke uzokwenzani na? [“Wugcina.”] Uzowu—uzowugcina. Ufuna ukusindisa. Manje ufuna ukusindisa umphefumulo wakho, awufuni na? Futhi nifuna ukukhula nibe omama bangempela namanenekazi angempela, anifuni na; nendoda yangempela, abashumayeli, nokunye nokunye na? Anifuni ukwenza lokho na? Manje, uma nikwenza, khona-ke unikela umphefumulo wakho kuJesu. Nansi indlela okwenza ngayo. Uthi, “Jesu Othandekayo, lokhu yikho konke eNgikunika khona, ngumphefumulo wami, kodwa Ngigade njengoba Wenza kuMose.”

<sup>302</sup> Manje, uma abanye benu nina abadala nifuna ukuza futhi niguqe, nani, abanye benu bomama, mhlawumbe, ukuthi ningahle nifune ukuguqa lapha kulokhu kusa. Awu, kuvulelwe nina, nani. Uma nithanda, wozani, niguqe khona ngalapha. Lokho kukahle. Nangu umama eza nomfana wakhe omncane. Angakwenza nomunye na?

<sup>303</sup> Ubaba, ubabayi, noma ngumuphi wenu, uma ufuna ukuba yindoda ekhulekayo njengoba uAmramu wayenjalo, woza, guqa, nawe.

<sup>304</sup> Mama, uma ufuna ukuba njengo Jokebedi, ngani, woza ngalapha ngqo, uguqe, nawe.

<sup>305</sup> Impela, okuka wonke-wonke. Ngoba (Ini na?) unomphefumulo, nawe. Uma uwugcina, kuzokwenzekani na? [Ibandla lithi, “Lahlekelwa yiwo.”—Umhl.] Lahlekelwa yiwo. Futhi uma uwubuyisela emuva kuLowo Owakunikeza wona, kuzokwenzekani na? [“Uyawusindisa.”] Uzowusindisa, ekuPhileni kwaphakade. Kunjalo. Manje, ningeke nabuthana yini, nonke nina enithandayo manje, futhi asibe nomkhuleko kanye nalaba abancane, kanye nathi, nabobonke manje.

<sup>306</sup> USuku loMama, usuku oluhle kakhulu. Futhi mhlawumbe kulobu busuku, ngingahle ngishintshe isifundo sami futhi ngiqhubeke kulobu busuku futhi ngisho ukuthi umama wenzani, ukuthi lowo mama wakwenza kanjani. Kwaba nguye owafundisa umfana wakhe omncane ukuhola uIsrayeli wonke ukuya ezweni lesethembiso. O, wayengumama ngempela. Wayengesiye umama ngempela na? [Abantwana bathi, “Yebo.”—Umhl.] Manje, unomama wangempela, nawe, futhi umama uyakukhulekela. Wayengubabayi wangempela. Futhi ubabayi uyakukhulekela. Futhi manje sizokhuleka sonke ndawonye, futhi sicele uJesu ukuba asisize.

Mfowethu Neville, ubungeza, uguqe kanye nathi na?

307 Futhi sonke asikhothamise amakhanda ethu, yonk'indawo. Manje Dadewethu Gertie. . . [Umshayi wopiyano uqala ukudlala uBaNgeniseni—Umhl.]

308 Baba Othandekayo waseZulwini, lena encane, indaba elula namuhla, mayelana nezinsuku ezedlula kudala, lapho khona ubaba weqiniso nomama, noma ikholwa leqiniso, liza kuWe futhi lakuKukhonza. BabeKukholwa. Kwakunosizi ezweni ngaleso sikhathi. Futhi sazi kanjani ukuthi akukho Mose omncane wesimanje oguqile lapha kulokhu kusa! Sazi kanjani ukuthi akukho Miriyamu wesimanje omncane oguqile lapha kulokhu kusa, futhi, umprofethikazi!

309 O Baba Othandekayo, lababantwana abancane bayaKuthanda, futhi bayeza, baguqile esiphambanweni, bayaqonda ukuthi banomphefumulo ofanele usindiswe, futhi bawunikela kuWe manje. Ngoba sisanda kufunda nje eZwini laKho, “Uma nilahlekelwa yiwo, nizowuthola; kepha uma niwugcina, nizolahlekelwa yiwo.” Futhi, Baba, abafuni ukugcina imiphefumulo yabo kubo uqobo. Abafuni ukuziphilela bona uqobo. Bafuna ukunikeza umphefumulo wabo kuWe, ukuze, ngokuwunikela, bazothola ukuphila okuPhakade. Siphe, siphe khona, Nkosi.

310 Busisa bonke laba bafana abancane namantombazane ngase-altare. Busisa omama nobaba olapha kulokhu kusa. O, kwangathi umusa waKho othandayo nesihawu kungaba phezu kwabo bonke. Sixolele, Nkosi, kuzozonke izono zethu namaphutha. Susa ukugula phakathi wethu.

311 Thumela iziNgelosi! Haleluya! Nkulunkulu, Wena Owayala uGabriyeli, nezinkulungwane ezilishumi zeziNgelosi zaya ekumasheni, zingaki ezinye iziNgelosi eziza ngapha uma zibona lababantwana bandla beguqa kuleli-altare kulokhu kusa! Yonk'indawo, phezu kwaleli-altare nakulo lonke lelibandla, kumi iziNgelosi zikaNkulunkulu. INgelosi ethwebulayo ikhona lapha, ibhala amagama abo phansi eNcwadini. Balahlekelwa ngumphefumulo wabo, ukuze bawuthole kuKristu! Siphe khona, Nkosi.

312 Kwangathi, kusukela kulolusuku, kuye phambili, izimpilo zabo ezincane zibe zihle futhi zithobeke. Kwangathi bangaba abantwana abalalelayo kubazali babo nakuBaba wabo oseZulwini, kuze kube lusuku Oyobabiza ngalo baye eKhaya. Bahole egxolweni labo elincane, kwehle kudabule kuwo wonke umsinga. Sonke isikhathi uma ubambeka emahlathini, kwangathi iziNgelosi zikaNkulunkulu zingakufuqa kuwele ezikhukhuleni zothando lukaNkulunkulu olugelezayo. Siphe khona, Nkosi. Futhi ekugecineni komgwaqo, kwangathi bangathola iKhaya elinothando, nomama wabo nabathandiweyo babo laphaya eNkazimulweni, lapho

uNkulunkulu emi esangweni ukuzowemukela, ngalelolanga. Siphe khona, Baba.

<sup>313</sup> Sixolele zonke izono zethu namacala. Futhi sise kusukela kulolusuku sibe abaKho ngokuphelele. Sinikela lababantwana abancane ezandleni zaKho manje. Nalaba omama abakanye nabo, Nkosi, ukuthi bazoba uhlobo olufanele lomama kuloluSuku lukaMama, lesisikhathi esiyisikhumbuzo esinikezwe omama. Futhi kwangathi bona, kusukela kulolusuku, bangaba omama abancono. Kwangathi abantwana bangaba abantwana abancono. Kwangathi sonke singaba ncono, Nkosi, futhi siKukhonze kakhudlwana. Siphe khona, Baba, ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

Manje asicule ikhorasi elincane.

<sup>314</sup> Niyakholwa ukuthi uJesu unisindisile na? Niyafuna ukuthi uJesu anigade manje, nisasukuma na? Phakamisela isandla sakho kuYe, *kanjena* manje. Ngifuna manje niphendukele kubaba nomama, nabobonke. Phendukani ngalendlela. Manje bukani lapha, mama nobaba. Nonke nina mantombazane amancane nabafana sukumani. Manje, bangaki owemukela uJesu njengoMsindisi wakho, futhi uzokwethemba uJesu kusukela manje kuqhubeke, ukuba akunakekele njengoba Enza kuMose omncane, asibone izandla zenu zihamba. Nonke manje. Kulungile! Manje kwenzekeni na? Uma ugcina umphefumulo wakho, wenzani na? [Ibandla lithi, “Ulahlekelwa yiwo.”—Umhl.] Ulahlekelwa yiwo. Kodwa uma uwunikeza uJesu, kuzokwenzekeni na? [“Uzowugcina.”] Uzowugcina. Manje, ukube-ke uJesu ukutholile manje kulokhu ukusa na? Futhi manje seningabakaJesu, anisibo na? Ungumfana omncane nentombazane kaJesu.

<sup>315</sup> Bukani lababafo abancane abami lapha nezinyembezi. Ungitshela ukuthi uNkulunkulu akakwazi lokho na? Amen. Amadoda nabesifazane bakusasa! Sukumani.

Bangenisen' baphume emasimini esono;  
Bangeniseni, bangeniseni,  
Lethani abancane kuJesu.

“O, NgiamThanda uJesu!” Manje wozani!

O . . . (nonke) . . . ngiyamthand'uJesu,  
(asiphakamise izandla zethu manje)  
O, ngiyamthand'uJesu,  
O, ngiyamthand'uJesu,  
Ngoba Wang'thanda kuqala.

<sup>316</sup> Lokho akukuhle na? Manje, *UJesu Uthanda Abantwana Abancane BoMhlaba*. Sinike indlela, dade. Manje nonke phendukelani ngalapha, kimi, nina mantombazane amancane. Ngifuna ukucula *UJesu Uthanda Abantwana Abancane BoMhlaba*. Bangaki olaziyo na? Kulungile, asicule manje.

UJesu uthanda abantwana abancane,  
 Bonke abantwana bomhlaba;  
 Ababomvu nabaphuzi, abamnyama  
 nabamhlophe, baligugu emehlweni aKhe,  
 UJesu uthanda abantwana abancane  
 bomhlaba.

<sup>317</sup> Manje, nonke nisebuthweni manje. Benikwazi lokho na? Niyazi ukuthi nisebuthweni kaNkulunkulu na? Manje, ngibukeni ngqo manje. Futhi culani leli kanye nami manje, ngoba seningamabutho manje. Niyakwazi lokho na? Amabutho esiphambano! Manje, *Ngingahle Ngingaphinde Ngimashe*... Niyalazi lelo na? Kulungile. Kulungile, kudala, iculo elidala likaSonto sikole engalifunda.

Ngingahle nginga . . .

Manje nina, kanye nami manje. [UMfowethu Branham wenza umnyakazo esacula amagama athi *NgiseButhweni leNkosi*—Umhl.]

Ngingahle ngingaphinde ngimashe  
 emabuthweni ahamba ngezinyawo,  
 Ngigibele ekalvari, ngidubula ngombayimbayi;  
 Ngingahle ngingaphinde ngindize phezu  
 kwesitha,  
 Kodwa ngisebuthweni leNkosi.  
 Ngisebuthweni leNkosi,  
 O, ngisebuthweni leNkosi!

Wozani kanye nami manje. Sonke kanye kanye manje.  
 Manje!

Ngingahle ngingaphinde ngimashe  
 emabuthweni ahamba ngezinyawo,  
 Ngigibele ekalvari, ngidubula ngombayimbayi;  
 Ngingahle ngingaphinde ngindize phezu  
 kwesitha,  
 Kodwa ngisebuthweni leNkosi.

<sup>318</sup> Niyakholwa ukuthi ningakucula lokho ninodwana na? Yenyukelani lapha, nkosazana, yenyukela khona lapha. Manje ngifuna nonke nihambe ngalemnyakazo efanayo engiyenzayo. Woza ngalapha, ngemuva kwe-altare lapha, manje. Yenyukelani khona lapha. Nonke, wozani phezu lapha lapho ngikhona, niyabo. Mashani nenyukele lapha; akungabikho muntu osalayo ealtare. Yenyukelani lapha ngqo kanye nami. Nakho-ke. Kulungile. *Kanjena* ngqo. Manje phendukani *kanjena*, bukani kulezizethameli, *kanjena*. Nakho-ke. Ngifuna ukunikhombisa ukuthi abafana abahle abancane namantombazane akwenzayo emva kokwazi uJesu. Manje, wozani emuva lapha ngqo, bafana namantombazane. Manje ni...Nakho-ke. Manje niyabona phandle lapho.



319 Manje uma ngithi, “Ngingahle ngingaphinde ngimashe embuthweni,” nina . . . “mashani emabuthweni ahamba ngezinyawo,” mashani, nani. Uma ngithi, “Ngingahle ngingaphinde ngigibele ekalvari,” yenzani izinto ezifanayo engizenzayo. Manje sukani kimi, emuva le manje, nivule isikhala. Emuva le, emuva le, manje nilungele. Manje wozani, asiliculeni. [UMfowethu Branham nabantwana benza umnyakazo besacula—Umhl.]

Ngingahle ngingaphinde ngimashe  
emabuthweni ahamba ngezinyawo,  
(Qaphela!)

Ngigibele ekalvari, ngidubula ngombayimbayi;  
Ngingahle ngingaphinde ngindize phezu  
kwesitha,  
Kodwa ngisebuthweni leNkosi.

O, ngisebuthweni leNkosi,  
Ngisebuthweni leNkosi! (Ngilungele!)

Ngingahle ngingaphinde ngimashe  
emabuthweni ahamba ngezinyawo,  
Ngigibele ekalvari, ngidubula ngombayimbayi;  
Ngingahle ngingaphinde ngindize phezu  
kwesitha,  
Kodwa ngisebuthweni leNkosi.

320 Amen! Manini nje nithule. Bangaki abakuthandayo lokho na? Thanini, “Amen.” [Ibandla lithi, “Amen!”—Umhl.] Kunjalo.

321 Manje, Baba oseZulwini, busisa lababantwana abancane namuhla. BangabaKho, Nkosi. Banikele izimpilo zabo kuWe. Bezwa indatshana encane kaMose nokuthi Wamvikela kanjani. Bezwa ngomama okahle nobaba okahle owabasiza futhi wabakhulisa. Futhi kanjalo nalabantwana abancane omama abakahle nobaba. Futhi ngiyakhuleka, Baba, ukuthi Uzobagada futhi ubaqondise behle ngomfundlana wesikhathi, futhi kwangathi iziNgelosi zikaNkulunkulu zingabavikela. Nikeza . . . Futhi-ke yibani esiphethweni esemukelayo, ukubemukela ezinsukwini zokugcina, Nkosi, eMbusweni waKho. Sikucela eGameni likaKristu. Amen.

322 Manje seningabuyela emuva ezihlalweni zenu futhi nitshela ubabayi nomama ukuthi nizizwa nikahle kanjani. Amen.

323 “Zonke izinsuku zokuzulazula kwabo babeholwa.” Niyalazi lelo, futhi.

. . . ekuzulazuleni kwabo babeholwa,  
Ukuya ezweni lesethembiso babeholwa;  
Ngesandla seNkosi ekuholweni impela,  
Balethwa ogwini lwaseKhenani.

Wonk’umuntu!

Isibonakaliso somlilo ebusuku,  
 Nesibonakaliso sefu emini,  
 Zengama ngaphezulu, ngaphambili nje,  
 Besaqhubeka nohambo endleleni yethu,  
 Kwangathi umkhaphi nomholi angabakhona,  
 Lize ledlule ihlane,  
 Ngokuba iNkosi, uNkulunkulu wethu,  
 ngesikhathi saKhe esihle  
 Uzosiholela ekukhanyeni ekugcineni.

<sup>324</sup> Bangaki ogulayo kulokhu kusa futhi ofuna umkhuleko na? Ake sibone isandla sakho. Njengoba sesileyithi kancanyana, mhlawumbe sizobeka inkonzo yethu yokuphilisa kuze kube kusihlwa. Futhi sinikele iZwi lomkhuleko manje, ngoba sesileyithi kancanyana.

<sup>325</sup> Niyithokozele indatshana na? [Ibandla lithi, “Amen!”—Umhl.] Nicabanga ukuthi beyikahle kubantwanyana na? [“Amen!”] Ya. Si—siyabedlula ezikhathini eziningi. Asifanele sikwenze lokho. Niyabo, angilitholi neze ithuba lokufundisa uSonto sikole, futhi kulokhu kusa bekuyisikhathi sokukhuluma kubo. Bengingafuni ukunikhandla, kodwa bengifuna ukunitshela lendatshana.

<sup>326</sup> Khumbulani, bantwana abancane, leyo akusiyo indatshana encane endala owayifunda noma yikuphi. Lelo iQiniso. Lokho kuyiQiniso! UNkulunkulu wakwenza lokho. Futhi Ukanye *nani* manje. Kulungile.

<sup>327</sup> Asikhothamise amakhanda ethu manje sisacula iculo lethu lokuphuma, ngokunensa, “Hamba neGama likaJesu, njengesihlangu kusosonke isitha.” Kulungile.

Thatha iGama likaJesu,  
 Mntwana olusizi nowokwesabisa.



*ISIFUNDISO NGoMOSE* ZUL56-0513  
(Teaching On Moses)

LoMlayezo ngoMfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngeSonto ekuseni ngo Meyi 13, 1956, eTabernakele likaBranham eJeffersonville, eIndiana, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2018 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE  
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE  
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS  
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.  
[www.branham.org](http://www.branham.org)

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS  
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.  
[www.branham.org](http://www.branham.org)